


KUTHATHANI UKUNQOBA KONKE UKUNGAKHOLWA: UKUKHOLWA KWETHU

 Bengibheke ngabomvu isikhathi eside ngalelithuba elihle kakhulu nelikhazimulayo lokuza kuleli—kulelidolobha, ukukhonzisa lababantu abathandekayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Cishe, ezinsukwini zangasekuqaleni zokuqala, ngenkathi ngithumela uMnu. Lindsay, nganginakho enhliziyweni yami, “Yakima,” ngase ngiphelela eSpokane. Ngakho-ke futhi, ngathumela ukuba ngifike eYakima, futhi ngandlela thize neqiwa futhi ngaya kwenye indawo. Ngakho, kulobubusuku, lokhu ukulinda isikhathi eside, cishe iminyaka eyishumi noma eyishumi nambili ngibhekisise ithuba lokuza edolobheni.

² Ngijabule kakhulu ngethuba futhi, ngokuthola lesisikole esihle lapha, sethiwe ngoMongameli wethu othandekayo, uDwight Eisenhower. Futhi ngithemba ukuthi iNkosi izosinika okwedlulele, ubuningi ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange, lolu izinsuku eziyishumi zenkonzo. Futhi sifuna uNkulunkulu, uma kuba yicebo laKhe elikhulu, ukusindisa wonke umuntu olahlekile okhona kulelizwe, khona lapha, ezisekelweni zokusindiswa.

³ Ngikholwa ngokweqiniso ukuthi ukufika kweNkosi uJesu sekuseduze. Ngiyakukholwa lokho, njengoba siphila emathunzini okufika kwaKhe, futhi ngifuna ukwenza konke engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani ukuba wonke umuntu alungele lesosehlakalo esihle kakhulu esiprofethiwe, nabantu ubekubhekile selokhu kwaba ngukuhamba kwaKhe. Futhi sibona izimo zivuka, kokubili ezweni lezombusazwe, kanti futhi nasezweni lezempi, nasezweni lezenkolo, ukuthi zonke izibonakaliso ziyakhomba manje ukuthi ukuFika sekuseduze. Sibona iBandla engcosaneni ngesibalo, amakholwa kamoya, futhi sibona i, konke lokho Akhuluma ngakho kwenzeka.

⁴ Siyazi ukuthi okusilindile amabhomu avela noma yikuphi emhlabeni manje, abadingi ukubheka ezizweni ezinkulu, izizwe ezincane zinemicibisholo ejikijelwayo ukubhubhisa umhlaba noma ngasiphi isikhathi ezifisa ngaso; naleyomicibisholo ejikijelwayo isezandleni zabantu abanesono. Futhi sonke isibuko se-radar sihleli, silindile, silindele esisodwa ukuba singene esikrinini sabo, futhi lapho benza, bazodedela eyabo.

Kuzokwenzekani lapho konke kwenzeka kanjalo na?

⁵ Ngijabula kakhulu ukuthi ngiyazi ukuthi iNkosi uJesu inguMsindisi wami. Ngijabula kakhulu ngalokho! Ngijabule kakhulu ukuthi ngiyazi ukuthi kunamashumi amaningi ezinkulungwane zabanye abazizwa ngokufanayo njengami, balindele lesosikhathi esikhulu.

⁶ Sazi kuphela ukuphila njengoba sikwazi, njengomuntu, ngenxa yokuthi asikaze sibe yilutho ngaphandle komuntu, kodwa lapho sizalwa ngokusha, kukhona ukuPhila okuvela Phezulu, okungena kithi.

⁷ Ngibe nenhlanhla yokuhamba izizwe eziningi, ngibona abantu abaningi, ngakho konke, ngiqagele, izikhathi eziningi sibekile emhlabeni jikelele. Sengibe cishe impela kuzo zonke izizwe emhlabeni, ngiyisithunywa senkolo. Futhi ngiyaqaphela, lapho ngishaya isizwe, into exakile ngukuthi lesosizwe sinomoya othize, lowomoya walesosizwe ubonakala ufana, ubusa isizwe.

⁸ Siya eJalimane, futhi akufani nomoya oseFinland; siya eFinland, akufani nomoya ose-Australia; futhi uya e-Australia, akufani nomoya oseJapani; bese-ke ubuyela eMelika, inomoya waseMelika. Nomaphi lapho uya khona, uthola umoya ohlukile, abantu baphila ngokwehlukile, benza ngokwehlukile. Kodwa into eyodwa enkulu engiyiqaphelile, uma uthatha iJalimane futhi ulithumele e-United States, ngokushesha lizothatha umoya we-United States; uthathe umMelika, umthumele eJalimane, uthatha umoya waseJalimane, kodwa nomaphi nanoma yisiphi isizwe oya kuso, lapho uthola amaKristu azelwe ngokusha, onke ayafana akunandaba ukuthi kukuphi.

⁹ Futhi ngibabonile abantu, abangena emhlanganweni, njengase...Isixuku sethu esikhulu kunazo zonke esake saba naso kwakungamakhulu amahlanu ezinkulungwane eBombay, bese kuthi-ke ngiqagele, ukubizela kwami e-altare okukhulu kunakho konke, esake sakubala kwakuseThekwini, eNingizimu Afrika, izinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngenye intambama zabahedeni, banikela izinhliziyi zabo eNkosi uJesu, ngenkathi bebone into ethize yenzeka emsamo, abakaMohamede abayizinkulungwane eziyishumi balandela lokho.

¹⁰ Manje, kodwa ngiqaphelile, thatha indoda yasehlathini nomuntu wesizwe ongenayo ongazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, abagqoki izingubo, abazi nelilodwa igama lesiNgisi, abazi lutho, kodwa nje ulwimi lwabo lwesizwe, kodwa lapho bemukela uMoya oNgewele, baziphatha futhi benze nje izinto ezifanayo ozenzayo lapho uthola uMoya oNgewele, baziphathe ngendlela efanayo nje, bahambe ngokufanayo nje ncamashi. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni wonke. UNkulunkulu ungosezindaweni zonke,

owazi konke, akanasiphelo, futhi Usebenza ngokufanayo nabo bonke abantu baKhe.

¹¹ Futhi sonke isidalwa esingumuntu, kungakhathaleki umbala, noma ukuthi siyini, ukuthi sincane kangakanani, ukuthi sikhulu kangakanani, ukuthi umbala waso unjani, zonke zingabegazi linye, uNkulunkulu wenziwe ngazo zonke izizwe, igazi elilodwa. IJalimane, iSwiss, uAfrika, wonke umuntu bangathekelelana ngegazi, umbala wesikhumba sethu, nosayizi wethu awuhlangene ngalutho nakho.

¹² Kodwa sonke isidalwa esingumuntu sinegumbi elincane enhliziyweni yaso, ukuthi akukho ngisho nengqamuzana legazi kulo. Eminyakeni eminingi edlule abagxeki babevame ukuthi, “UNkulunkulu wenza iphutha elibi kabi lapho Ethi, ‘Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe,’ ngoba akukho mandla engqondo enhliziyweni yakhe ukuba acabange ngawo.”

¹³ Kodwa eminyakeni emibili edlule, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, ngenkathi ngiseChicago emhlanganweni, izihloko ezinkulu zingena ephepheni, ukuthi batholile, isayense inakho, ukuthi indoda inawo amandla engqondo enhliziyweni yayo, ukuthi kukhona ikamelwana elincane enhliziyweni, inhliziyo yomuntu, elingekho e—enhliziyweni yesilwane. Bakuthola ekucwaningeni ngenhliziyo, futhi phakathi lapho bathi yindawo lapho umphefumulo uhlala khona. Ngakho-ke, empeleni, uNkulunkulu wayeqinisile ngenkathi Ethi, “Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe.”

¹⁴ Manje, si—sizindla ngengqondo yethu, kodwa inhliziyo ayizindli, inhliziyo iyakholwa nje. Sibuka ngamehlo ethu, kodwa sibona ngenhliziyo yethu. Ubuka...? Wena uthi, into ethize exakile, uthi, “Angiyiboni nje.” Uqonde ukuthi awukuqondi, niyabo, ukuqonda kwakho kuvela enhliziyweni yakho, unokuqonda kwakho.

¹⁵ Manje, izikhathi eziningi, ngiyazi onke amaKristu ayakwazi lokhu, ukuthi abantu bazocabanga, “Awu, ngeke nje kwenzeke, kodwa nokho, enhliziyweni yami kukhona *okuthize* okungitshelayo, ukuthi kuzokwenzeka.” Senake nabanaso lesoshlakalo, nina maKristu na? Impela, nibe naso. Yilowomuntu ongaphakathi ecabanga, kulahla phansi imizindlo, akuhlangene ngalutho nokuzindla, ngoba ngoNkulunkulu, amazwi akufanele azindlwe. Singeke sazindla uNkulunkulu. UNkulunkulu akaziwa neze ngesayense, uNkulunkulu akaziwa neze nga—ngamandla engqondo, uNkulunkulu waziwa kuphela ngokukholwa. Ulwazi alusoze lwayisa umuntu kuNkulunkulu, ulwazi luyamsusa kuNkulunkulu.

¹⁶ Yilapho okwaqala khona ensimini yase-Edene. Kwakukhona imithi emibili, omunye kwakunguMuthi wokuPhila, omunye uMuthi woLwazi. Umuntu wathatha ukuluma kwakhe kokuqala

eMthini woLwazi, wazehlukanisa noMuthi wokuPhila. Futhi njalo lapho eluma eMthini woLwazi, ngokuqhubekayo uyaqhela kakhulu eMthini wokuPhila, ngoba uqala ukucabanga ukuthi uyazi ukuthi ufanele akuzindlisise kanjani. Ungeke uzindle uNkulunkulu, ufanele ubuyele eMthini wokuPhila olula, futhi uhlale ngaphansi lapho, udla isithelo sokuPhila.

¹⁷ Yilokho esikukhonela lapha, ukuletha inkonzo iNkosi engiphe yona kini bantu lapha eYakima. Futhi abaningi benu bethamela imihlangano kwezinye izindawo, kodwa kulelidolobha, mhlampe, babe baningi lapha kuleliviki ongakaze abe semihlanganweni.

¹⁸ Manje, izikhathi eziningi abantu bathi, “Mfowethu Branham, uhambisana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.” Qhabo, lokho akulungile, ngihambisana noJesu Kristu. Niyabo? Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuncane, futhi awusoze wenza okukhulu ngokuncane. Futhi uKristu uyiNhlolo yethu enkulu, khona-ke siyakholwa ukuthi uKristu, uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Wafela izono zethu, futhi wavuka futhi ngosuku lwesithathu, ngokomBhalo, futhi manje uhlezi ngakwesokunene sobukhosi bukaNkulunkulu, engumPristi oMkhulu, ukwenza izinxuselo phezu kokuvuma kwethu.

¹⁹ Si—silindile, siMlindlele ukuba asuke eNkazimulweni ngolunye usuku ukuba abuyele emhlabeni, ukuvusa abafuleyo, nokuguqula labo abaphilayo babe semzimbeni okhazimulisiweyo ukuba bahlwithelwe esibhakabhakeni, ukuhlala naYe ibanga leminyaka emithathu nengxenyeni, ngesikhathi sesikhathi sokuhlupheka, nokubuyela emhlabeni ohlanziwe ukuba baphile iminyaka eyinkulungwane lapha emhlabeni neBandla laKhe, futhi sibe naYe kuze kube phakade lapho Ehlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Manje, sibheke lesosikhathi esikhulu.

²⁰ Khona-ke ingqikithi yethu etaberna- . . . ezinkonzweni zethu ngukuthi *UJesu Kristu OnguYe Izolo, Namuhla, NaPhakade*, ofanayo. Manje, sikhohlwa ukuthi Uyafana kuzo zonke izimiso. Manje, amaHeberu 13:8 yingqikithi yethu, ningakukhohlwa lokho manje, ngesikhathi semihlangano. Uma noma yini ivuka ngokungabonakali, bambelela ngqo nalowomBhalo, futhi ukubuyisele emBhalweni. UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

²¹ Manje, singeke saphika imiBhalo, ngokuba uJesu wathi wonke umBhalo, siyazi, unikezwa ngokuphefumulelwa, futhi amaZulu nomhlaba kuyodlula, kodwa akukho namunye umBhalo oyoke wedlule, ngoba UyiZwi likaNkulunkulu.

²² Manje, siyakholwa ukuthi uNkulunkulu angenza izinto Angazilobanga eZwini laKhe, kodwa sithanda ukuhlala nje

nalokho Akulobile, khona-ke siyazi siqinisekile, uma nje uhlala nalokho Akulobile eZwini.

²³ Manje, ngalezizinsuku eziyishumi, uma uNkulunkulu esivumela ukuba siqhubeke, ungabona—ubone ezinye izinto eziyobonakala zingenangqondo kuwe, kodwa uma kubonakala kungumbuzo omncane, ekukhulumeni kwami ngiyohlala njalo ngihlala ngqo emaZwini ezethembisweni zikaNkulunkulu. Lokho kwenele kithi, uma sihlala ngqo nezithembiso zaKhe, uma uNkulunkulu ezoqinisa zonke izithembiso zaKhe, lokho kuhle njengoba sikudinga. Anicabangi kanjalo na? Lokho kuhle njengoba sikudinga, uma uNkulunkulu ezohlala nezithembiso zaKhe.

²⁴ Ngoba ngikholwa ukuthi siphila osukwini ukuthi lapho kukhona izinto eziyimfihlakalo ezenzekayo, futhi sizoqhubeka siqhubeke, futhi sixakeke, ngoba siyazi ukuthi kuzobakhona uJane noJambre abavukayo ngezinsuku zokugcina ukumelana noMose no-Aroni, njengoba iBhayibheli lasho, nokunye ukulingisa ukwenza sengathi kuyinto ethize engesiyo, kodwa iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso njalonjalo. Ngihlala njalo ngibambelela kulokho, futhi, ukuthi iZwi likaNkulunkulu njalo liyiqiniso Phakade.

²⁵ Futhi akukho-zwi lomuntu, noma, akukho-muntu ongcono kunezwi lakhe. Uma ngingaligcini izwi lami, khona-ke angikho kakhulu; futhi uma uNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, Akasuye uNkulunkulu. Kodwa uma uNkulunkulu eligcina iZwi laKhe, khona-ke Uhlala njalo enguNkulunkulu. Ukuze abe nguNkulunkulu, Uzofanele aligcine iZwi laKhe, niyabo, Uzofanele aligcine iZwi laKhe.

²⁶ Futhi manje, kulezi..Mhlawumbe kulobubusuku, ngingathanda ukukhuluma nani isikhashana, nokuthi ukujwayelana nehholo elikhulu, nabantu, nokuthi ukulungela izinkonzo ezizayo. Manje, ngikhulume emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi asizamanga ukwenza okukhulu ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, nokho sifundisa lokho ukuba ngelinye lamaqiniso eBhayibheli, ukuthi uJesu Kristu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe saphulukiswa.

²⁷ Manje, zonke izibusiso zokuhlenga kithi, isintu, sakhokhelwa, ngenxa yethu, eKalvari ngenkathi uJesu efela thina. Sikholwa ukuthi umsebenzi necebo eliphelele likaNkulunkulu, sonke isibusiso sokuhlenga saqedwa eKalvari, ukuthi zonke izithembiso zikaNkulunkulu zenziwa zenzeka kuso sonke isidalwa esingumuntu esizokwemukela ngenkathi uJesu efa ukhlanza umuntu phambi kukaNkulunkulu eKalvari. Ngikholwa ukuthi wonke umuntu emhlabeni wasindiswa ngenkathi uJesu efa eKalvari; wonke umuntu ogulayo ezweni waphulukiswa ngenkathi uJesu efa eKalvari, kodwa manje, ngumsebenzi osuqediwe.

²⁸ Manje into okufanele yenziwe ngukuthi, singabathola abantu ukuba bakubone futhi bakwemukele na? Ngakho-ke, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulele phezu kwento ethize engumlingo, omunye anayo ezandleni zabo, noma amafutha angcwele, noma amanzi abawafafaza phezu kwabantu. Angikholelwa kulezozinto, ngi-ngikholwa ukuthi iGazi likaJesu Kristu lanele yonke into esiyidingayo. Niyabo? Futhi ngikholwa ukuthi yinto ethize esivele ikhokhelwe.

²⁹ Manje, indlela yokuqala neyasekuqaleni yokwamukela noma yisiphi isibusiso sokuhlenga ingokuzwa iZwi likaNkulunkulu, ngoba ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, njengabefundisi beshumayela. Uma lowo bekunguwe nami, lokho bekuyokwenela, uma abantu bebengafuni ukusikholwa, ngani, besiyobayeka nje baqhubeke. Kodwa uNkulunkulu ulunge kakhulu, futhi ugcwele isihawu kakhulu, kwaze kwathi emva kwakho konke lokho Wathumela iZwi laKhe, khona-ke Wathumela iziphiwo eBandleni, sonke siyakukholwa lokho. KwabaseKorinte bokuQala 12, kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye eBandleni, lokho kukuwo wonke umzimba wendawo, noma kufanele kube kuwo wonke umzimba wendawo, iziphiwo zokuphulukisa, iziphiwo zokuhlakanipha, iziphiwo zokwazi, nesiphiwo se, zonke lezi ezinye iziphiwo siseBandleni. Iziphiwo zokomoya ezehlukene eziyisishiyagalolunye sikuwo wonke umzimba wendawo.

³⁰ Khona-ke uNkulunkulu uneziphiwo Azazi ngaphambili zonyaka ngamunye futhi uzifake eBandleni. Manje, sithola ukuthi kunezinhlano zalezoziphiwo, esokuqala sazo yizithunywa zenkolo noma abaphostoli. Igama elithi *umphostoli* lisho “othunyiwe,” igama elithi *isithunywa senkolo* lisho “othunyiwe.” Isithunywa senkolo siyathunywa, nomphostoli uyathunywa; uNkulunkulu uthumela isithunywa saKhe senkolo, uNkulunkulu uthumela umphostoli waKhe.

³¹ Okokuqala ngabaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, lezoziphiwo ezinhlano ezinikezwe nguNkulunkulu eBandleni. Ngakho ngamunye wenu bantu onomelusi omesabayo uNkulunkulu, unesiphiwo esivela kuNkulunkulu ebandleni lakho, umalusi wezimvu, *umelusi* kusho “umalusi wezimvu,” ukuqaphela umhlambi, ukubafundisa iZwi likaNkulunkulu.

³² Khona-ke lezi ezinye iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ezehlukene zifanele zisebenze eBandleni ukugecina iBandla lihlanzekile. Njengo-Ananiya noSafira, kanjalonjalo, uMoya kaNkulunkulu uyasukuma futhi ubize omunye aphume, futhi ubatshela ukuthi baphila ngokungafanele, futhi—futhi ukhuze lesosono obala, futhi uyilokho-ke uMoya oNgewele eBandleni ngakho, ukugcina iBandla lihlanzekile futhi lilungele ukufika kweNkosi, siyakukholwa lokho.

³³ Manje, khona-ke kukhona lezi ezinye iziphiwo ezingena eBandleni. Manje, emva komelusi, khona-ke kukhona umvangeli ongenayo, bese-ke kuba nabafundisi abangenayo, bese-ke kuba nabaprofethi abangenayo, bese-ke kuba nabaphostoli abangenayo, zonke lezi ndawonye, zisebenza ndawonye neziphiwo, zigcina iBandla liphelelisiwe, futhi lihlanzekile, futhi lilungele ukufika kweNkosi.

³⁴ Futhi uma lonyaka webandla othize ulala, ulindele iNkosi, unyaka webandla wesibili ulala, ngisho nangomlindo wesikhombisa, akunandaba ukuthi mingaki iminyaka elayo, yonke iyovuka ekufikeni kweNkosi, futhi bayohlwithwa kanye nalabo abaphilayo futhi basale ukuhlangabeza iNkosi emoyeni. Futhi sibheke loloSuku olukhazimulayo, futhi ngiyakholwa ukuthi uma uNkulunkulu ezosisiza, ngaphambi kokuba iviki liphele ngi-ngikholwa ukuthi sizobona ngokucace kakhulu kunanini ngaphambili. Ngithemba ukuthi amehlo ami avulekile ezintweni eziningi, futhi, ngoba ngilapha ukuba ngifunde, njengoba sonke sinjalo.

³⁵ Ngilapha ukudonsa kini bantu into ethize ukuthi, ukungisiza. Abantu abaningi bacabanga ukuthi umvangeli akadingi-sizo, uyaphaphalaza, udinga usizo oluningi kunalo lonke ibandla lidinga, ngoba umi phakathi kwesitha nebandla.

³⁶ Manje, ngiyisihambi kini, ngicabange ukuthi ngizothatha futhi ngichaze lezizinto, ukuze nazi, ukuthi singaqala futhi sibe nomhlangano omkhulu kulena lapha indawo. Futhi ngiyakholwa futhi ngethemba kuNkulunkulu, ukuthi emva kokuba lenkonzo isiphelile, ukuthi lonke ibandla endaweni yonke lizogcwala phama amalunga amasha, futhi, ephendukile futhi angeniswa. Ngithemba ukuthi ngalokho kuzoba nemvuselelo eyifeshini endala ishanela lesisigodi lapha, ezobangela abantu abavela ezweni lonke ukuba bageleze bangene lapha, befuna i . . .

³⁷ Ngithola lapho sengibuyela e-United States, abantu abalambile, emva kwayo yonke imihlangano emikhulu nezinto esibe nazo esizweni sonke. Sibe namadoda amakhulu ukunqamula isizwe sakithi, uBilly Graham, u-Oral Roberts, nabaningi balawomaqhawe amakhulu okholo, amadoda amakhulu, abangane bami siqu. Futhi ngiyazi angamadoda alungile, agcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu nabafundisi abamangalisayo.

³⁸ Futhi mina uqobo, ngiwuhlobo lomuntu olungafundile kakhulu, angifundile, ngiyaxolisa ngalokho. Angitholanga ukufunda esikoleni ebengifanele ngikuthole. Ngakhuliswa emndenini ompofu wabantwana abayishumi, futhi ngangingomdala kunabo bonke, kwadingeka ngisebenze ukuze ngiphilise umndeni. Kodwa, ngandlela thize, uNkulunkulu ekuhlinzekeni kwaKhe okukhulu okuhlakaniphile, wabona

kufanele, emuva le ngaphambi kokuba ngazi noma yini ngakho, ukuba angibekele indawo encane nani bantu. Futhi kulokho ngifuna ukukhonzisa ngayo yonke inhliziyoyami, ukuba—ukuba ngumfowenu.

³⁹ Futhi bengingeke ngize lapha, nhlobo ezweni, ukubangela noma yikuphi—noma yikuphi ukudabula, noma yikuphi ukushayisana ebandleni, kodwa ngize lapha ukuzama uku—ukususa ukushayisana, nokuhlanganisa uMzimba kaKristu ndawonye, futhi masazi ukuthi sonke singabazalwane, ukuthi sonke sindawonye.

⁴⁰ Futhi ngenkathi ngivela ebandleni lami uqobo leBaptisti uku—ukuzokhonzisa phakathi kwabantu bePentecostal, abakholwa nguMlayezo iNgelosi yeNkosi eyayingilethele wona, futhi ngathola ukuthi babebabi njengeBaptisti, babenezinhlangano eziningi ezehlukene zabo, futhi ngathola abazalwane abakhulu nabahle kubo bonke.

⁴¹ Ngakho ngi—bengingeke ngasho, kulobubusuku, ukuthi ngingowe-Assemblies, noma iChurch of God, futhi nokho ngingowabo, ngoba angizange nje ngijoyine izikhundla zabo, kodwa ngazalwa ezikhundleni zabo njengomfowethu, ngenkathi ngemukela uMoya oNgcwele. Futhi ngizamile ukuma ngqo phakathi kwesikhala, futhi ngithi macala omabili, “Ningaphikisani, bazalwane. Singabazalwane, masithande iNkosi, futhi masimashe siye phambili, futhi sihlangene ndawonye.”

⁴² NgingowaseKentucky ngokuzalwa, futhi nonke niyazi ukuthi luyini uphawu lwaseKentucky, noma, isiqubulo, yisandla esiphambene, *kanje*, “Simi ndawonye, futhi sihlukene siyowa.” Ngakho, asiwafuni amabandla ehlukeni, sifuna ukuma ndawonye. Nakuba singahle singavumelani omunye nomunye, kanjalo, lokho nje kuyizinto ezincane—ezincane eziyimisebenzi esizayo, asikholwe umgomo omkhulu: uJesu wafa ukuba asisindise sonke, Usinike konke ukuzalwa okusha, futhi silindele ukufika kwaKhe, futhi sijabulela izingxenywe ezingahlukaniseki zokufa kwaKhe aze Afike, yilokho kuphela. Sijabulela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uBukhona bukaMoya oNgcwele.

⁴³ Futhi uma uJesu Kristu enguye... UNkulunkulu angithethelele ngokwenza lesositatimende sokuthi “*uma Enguye*,” ukuthuka okungcwele ukukusho, kodwa *Nguyena* izolo, namuhla, naphakade, ngoba iZwi lithi *Unguye*. Manje-ke uma *Esenguye*, khona-ke Ubeyokwenza kanjani ukuba Ubelapha emhlabeni namhlanje na? Ubeyokwenza njengoba Enza nje izolo, uma *Esenguye*. Niyakukholwa lokho, nonke na? Ubeyokwenza. Khona-ke uma Ubeyokwenza ngokufanayo, khona-ke Ubeyokwenza imisebenzi efanayo Ayenze izolo. Niyakukholwa lokho na?

44 Manje, umBhalo uthi, uJesu washo qobo lwaKhe kuJohane oNgcwele 14:7, “Ozwa iZwi laMi...” qhabo, “Imisebenzi eNgiyenzayo, ukuthi, okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza.” Futhi i—ihumusho lesiNgisi lapho lithi, “*Emikhulu* kunalo uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi.” Kodwa uma uzothatha ihumusho lasekuqaleni kulokho lathi, “*Eminingi* uyakuyenza.”

45 Manje, akekho owayengenza okukhulu kunoma Enza, ngoba Wavusa abafileyo, wamisa imvelo, futhi nje wenza yonke into. Kodwa okwakuyikho, ukuthi, Wathi, “Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona,” manje, lelogama yi “Kosmos,” okusho *inqubo yezwe*, “alisayikuNgibona, nokho nina,” iBandla, “niyakuNgibona, ngokuba Ngi,” futhi *Ngi* yisabizwana somuntu, siyakwazi lokho, “Ngiyakuba nani,” Usho ngisho nokuthi, “kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

46 Manje, kwakuyini ngaleyonkathi na? UNkulunkulu wayengazibonakalisa Yena uqobo ngoMuntu oyedwa, uMuntu, iNdodana yaKhe, ebizwa ngoJesu. Manje, uNkulunkulu uthatha uMoya walowoJesu bese ewubuyisela kubantwana baKhe owenziwe umntwana nguJesu Kristu, futhi ubonakalisa uMoya ofanayo namandla afanayo, umhlaba jikelele. Lowo nguNkulunkulu kithi, u-Emanuweli kithi.

47 Sihlanziwe ngeGazi likaJesu. Futhi ngiyakholelwa kwemsulwa, ngokuphelele, inkolo kaMoya oNgcwele nobungcwele. Ngikholwa ukuthi umuntu ohlanziwe empilweni yesono, uyeka konke ukuphuza kwakhe, ukuqamba amanga, ukweba, nakho konke okunye. Ngikholwa ukuthi uphilela uNkulunkulu, ngoba uMoya kuye unguMoya kaNkulunkulu. NalowoMoya uyamhola futhi umholela ekulungeni nasebungcweleni, ukuthi uNkulunkulu angaphila kuye, futhi intando eyaKhe, enze intando yaKhe kuye.

48 Manje, bekuyoba nomehluko owodwa kuphela, khona-ke, ubuyovimbela uJesu ekubeni abe ngosenguye owahamba eGalile, njengokuba lapha kanye nathi kulobubusuku, kulowo nalowo wethu. . . Manje khumbulani, uJesu engikhuluma ngaye unguMuntu wesithathu, okungukuthi, uMoya oNgcwele, okithi, uNkulunkulu kithi.

49 Ngenkathi iNdodana kaNkulunkulu. . . UNkulunkulu wake wahlala eNsikeni yoMlilo, wahola abantwana bakwa-Israyeli, khona-ke Wehla futhi wahlala kuMuntu, iNdodana yaKhe uQobo, umzimba odaliwe, khona-ke Wa—khona-ke Wa, wasondela kakhudlwana kithi, khona-ke Wadingeka anikele ngalowomzimba ukuze aphule leloNgqamuzana leGazi elizalwa yintombi, ukuhlanza iBandla ukuze Aphile enhliziyweni yawo wonke umuntu oyolemukela leloGazi lokuhlanzwa, uPawulu uthi, ukuze Akwazi ukungena enhliziyweni yabo ngoMoya oNgcwele. Khona-ke lowo nguNkulunkulu esebenza kithi.

⁵⁰ Manje, umzimba wangempela kaJesu ungebe lapha kulobubusuku. Kungahle kufike. Bekungaba yihora elikhulu, bekungeke na? Uma umzimba wangempela weNkosi uJesu, ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu kulobubusuku, uma Ungehla uvela eZulwini futhi uze emhlabeni, besingeke sidinge ezinye izinkonzo zokuphulukisa noma izinkonzo zokushumayela, bekuyophela konke, Lapho. Kuyofika nini na? Angazi, angikholwa ukuthi ukhona owaziyo, ngoba uJesu wathi babengazi. Kodwa Wathi ngenkathi Ebona izibonakaliso ezinjalo njengoba sizibona namhlanje, wazi ukuthi isikhathi sasisemnyango.

⁵¹ Manje, Wethembisa izinto Ayezozenza...engizongena kukho kamuva emilayezweni. Umcabango kulobubusuku ngokulungela, ukuthi nje ukuzwa izethameli. Sinobusuku obuyishumi, futhi izikhathi eziningi abantu, uma unga...uma uphuthumela entweni ethize, ungazi ukuthi wenzani, khona-ke into yokuqala oyenzayo, uzithola udidekile wonke. Kodwa uma ungena emngeni, wazi nje impela ukuthi ulindeleni, khona-ke uyazi ukuthi ukwemukela kanjani ukuphulukiswa kwakho. Kanjani ukuthi izikhathi eziningi abantu, ekubhekaneni nomdlavuzi, ithumba, noma isimila esithize, isimila, noma hhayi isimila, izikhathi eziningi bayehluleka ukuthola ukuphulukiswa kwabo emva kokuba sebevele bakwemukele kanye.

⁵² Manje, isimila singukuphindaphindeka kwamangqamuzana; leyo yinto efanayo oyiyo, ukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Uyazi ukuthi ukuphila kwakho kuvelaphi, ngoba kwakungomshado ongcewele. Futhi siyaqonda ukuthi owesifazane akanakho okunombala ombomvu ezinhlayiyeni zegazi, zivela kowesilisa, ne—nesilisa siveza ingqamuzana legazi.

⁵³ Manje, abaningi benu bantu bangabalimi, futhi ninezinkukhu, ninazo, bukani egcekeni futhi nibone izinyoni, nezinyoni, umama wenyoni angakha isidleke sakhe futhi asizalele sigwale amaqanda, futhi angafukamela lawomaqanda futhi awaphathe kahle nje njengoba engawaphatha kahle, futhi azibulale ngendlala aze ahlupheke kakhulu, kul'khuni ukuba asuke esidlekeni, ephendula lawomaqanda, ngenhlonipho yokuzithoba, njalo ngemizuzu embalwa, ukuze azochamusela, awagcine efudumele, ezincisha konke ukudla, nezinto, ukuthi ufanele akhe umzimba wakhe uqobo, wethembekile kulawomaqanda, kodwa uma leyonyoni engumama ingazange ibe nesilisa, lawomaqanda awasoze achanyuselwa, ayobolela esidlekeni ngqo.

⁵⁴ Isikhukhukazi, izinkukhu zakho zingazalela iqanda, isikhukhukazi singazalela, singahlala kuwo ngendlela efanayo, futhi alisoze lachamusela, ngaphandle uma kade sinenyoni yesilisa.

⁵⁵ Manje, yilokho engikucabangayo ngebandla namhlanje. Niyabo? Akunandaba ukuthi mangaki amalunga esinawo, ukuthi sifanele siwatotose kahle kanjani futhi siwatotose, uma ekade engenaye uMata, uJesu Kristu, futhi ezalwe ngokusha, awasoze akholwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, noma lutho olunye, unesidleke nje esigcwele amaqanda abolile, kungcono ukuhlanza isidleke bese uqala kabusha. Lokho yi... Uma—uma kwake kwabakhona isikhathi lapho bedinga ukuhlanzwa kwesidleke, kuseMelika, khona manje. Lelo yiqiniso. Singenise abantu abaningi ngamaphutha, futhi sabafaka encwadini yebandla, kanjalonjalo, okungukuthi kulungile, ngingaqoka ukuba babe sesontweni kunokuba babe phandle lapho emgwaqeni, kodwa nokho, esikudingayo yimvuselelo. Manje, imvuselelo ayisiyo kakhulu kangako ukungenisa amalunga amasha, kodwa *ukuvuselela* lokho osuvele usunakho ngaphakathi. Niyabo?

⁵⁶ Njengolwandle lwakho—lwakho nje ngapha. Ngahlala laphaya ngasogwini ngoluny'usuku, bangithathile ngayodoba izolo, emva kokuphumula usuku olulodwa, futhi ngalubhekisisa lolo olukhulu, ulwandle olunamandla luphehla lawomagagasi phansi-phezulu. Ngacabanga, “Ucasulwe yini kangaka na? Uwaphehlelani amagagasi na?” Ngacabanga, “Alikho nelilodwa iconsi lamanzi ngaphezulu kulo, bese kuthi-ke lapho seluzothe ngokuphelele.” Kunjalo. “Linenani elifanayo lamanzi, akusekho manzi nhlobo, kodwa unakho ngani lokho kuphehla na?” Ngacabanga, “Lunemvuselelo.” Lwenzani na? Lunyakazisa wonke udoti uphume emanzini, osebeni.

⁵⁷ Ngakho, yilokho—yilokho ibandla elikudingayo namhlanje yimvuselelo, ukuthola konke ukungakholwa kuzanyazanyiswe kuphume kithi, size sihlanzeke. Anicabangi kanjalo na? Ngokuba konke... Engikuqondile ngesono nguku “ngakholwa.” Siyaqonda ukuthi leso yisona sono kuphela esikhona, ukungakholwa, siyakholwa ukuthi, “Ongakholwayo uselahliwe vele.”

⁵⁸ Njengoba ngasho ngesinye isikhathi, esikhathini esithile esedule, ngishumayela ebandleni leMethodisti, ngathi, “Ukubhema osikilidi, ukuphuza iwiski, ukuphinga, ukuqamba amanga, ukweba, lokho akusiso isono.”

⁵⁹ Futhi oyigugu, udadewethu omdala othandekayo ehlezi lapho, omunye walabo abancane, efake okhololo abayindilinga, wafundisa ubungcwele yonke impilo yakhe, wathi, “Ngiyacela ngitshela, yini isono na?”

Ngavele nje ngasondela kuye, ngathi, “Isono ukungakholwa.”

⁶⁰ U—wenza lezozinto ngoba awukholwa. Okholwa yiNkosi ubengeke azenze lezozinto, usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. UJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa

amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade,” sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalowo nguMoya oNgewele, niyabo, “unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa we,” inkathi edlule, “wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” O, ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na? “Okholwayo.”

⁶¹ Manje, si...Njalo umhlangano uveza izigaba ezintathu zabantu, ongakholwayo, umzencisi, nekholwa. Besinalokho e...Besilokhu sinakho njalo, futhi si—siyohlala sinakho njalo. Futhi ngakho, sifuna ukuthola o—ongakholwayo ukuba abe yikholwa, nomzencisi ukuba abe yikholwa langempela. Kungani besingamukela isibambiso zibe izibhakabhaka zigewele okwangempela na? Kungani sifuna into ethize engamanga kakhulu, futhi o, into ethize, isigejane samadlingozi, kumbe noma ngabe kuyini na?

⁶² Manje khumbulani, ngikholwa ukuthi uMoya oNgewele unenqwaba yamadlingozi. Noma yini, ngingafakazisa kini noma yini engesiyo, engenakho ukuphila kuyo ifile. Ngakho uma ibandla lingenakho ukuphila okuncane, kukhona okungalungile ebandleni, lidinga ukuvuka. Ngakho ngikholwa ukuthi sifanele sibe namadlingozi. Sithola...

⁶³ Ngiyabona sisesitezi sebhaskethibholi. Manje, abaningi benu bantu, abantwana lapha, baya esikoleni. Impela ngibonga uNkulunkulu ngalesisikole esihle, yisikole esihle kakhulu engake ngaba kuso, ngiyakholwa, emahholo amakhulu, ngike ngaba kwamaningi. Kodwa ngi...lapha...Ukuba-ke ubunomdlalo webhaskethibholi lapha, neqembu lakho beliwina, o, he, uvele uhlale lapho kuvulandi osesitezi na? Ubuyothi, “Umdlalo ofile kunayo yonke, engake ngawethamela.” Ngani, impela.

⁶⁴ Awu, uma iNkosi yethu inqoba ukulwa, ngiyanitshela, ku—ku—ku, impela singasika kancane kanye ngankathi, niyazi, siYazise ukuthi si—siyakuthakasela ukunqoba Esiphe khona. Kunjalo. Ngakho, asifuni kube ngumhlangano ofile, ibandla elifile, silifuna liphila, noMoya kaNkulunkulu uhamba, kweyangempela, enengqondo, esile, indlela yeVangeli, nje enza izibonakaliso ezinkulu nezimanga, futhi ekhombisa izibonakaliso zikaMesiya phakathi kwethu.

⁶⁵ Njengoba u-Israyeli ahamba esuka e, esuka eGibhithe eya ezweni lesithembiso, ngenkathi babesohambweni lwabo uBalami wayengazi nhlobo ukuthi kwakukhona iPhimbo leNkosi ekamu. Wakhohlwa ukubona leloDwala elishayiwe naleyonoyoka yethusi, no—nokumemeza kokunqoba kweNkosi.

⁶⁶ Yilokho esikufunayo kulobubusuku, sineDwala elishayiwe ekamu. Niyakukholwa lokho na? Lelo yiDwala, uKristu Jesu. Washaywa njengeDwala elalisehlane, ngothi lokwahlulela lukaNkulunkulu, futhi Wathwala izahlulelo zethu, ukuthi

njengoba labobantu ababhuhayo wavuselelwa kabusha futhi, futhi wanikwa ukuphila okusha kulawomanzi avela eDwaleni, linjalo neBandla, njalo uma Likhuluma eDwaleni, Lithola amanzi amasha agobhozayo, ukuPhila okusha, futhi livuselelwe futhi.

⁶⁷ Khona-ke Wayenenyoka yethusi yenza ukubuyisana ngazo zonke izono zabo abazenzayo, amanzi okwehlukana enziwe ngaphandle kwekamu ukwehlukana ongakholwayo nokungakholwa kwakhe. Babenakho konke lokho, kwase kuthi-ke phakathi kwakho konke, kwakukhona ukumemeza kokunqoba kweNkosi ekamu ngaso sonke isikhathi. Ngakho, sisohambweni lwethu kulobubusuku, futhi asikhonze iNkosi ngayo yonke inhliziyi yethu.

⁶⁸ Manje, sizozama ubusuku ngabunye ukunikhipha... Thina, ngicabanga ukuthi siqale kulobubusuku cishe ligamenxe elesishiyagalombili, futhi mhlawumbe kusasa ebusuku sizozala ngaphambidlana. Bese kuthi-ke kusasa ebusuku ngifuna ukungena kakhulu endabeni kanye nani ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukuze nizoqondisisa.

⁶⁹ Into eyodwa encane engifuna ukuyifulela phakathi khona lapha, lapho uma ngiyikhohlwa kusasa ebusuku, ake sithathe isibonelo nje, i—isimila, ithumba, umdlavuza, noma ngabe kuyini. Kwaqala kanjani na? Njengesandla sami lapha, akukho lutho esandleni sami manje, ngolunye usuku kungahle kubekhona isimila, umdlavuza, noma kungaba yini, ithumba. Siyini lesosimila na? Kundawondawo kukhona enye imbewana encane engena lapho futhi iqala ukukhula amangqamuzana, futhi kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Njengoba nje waqala esibeletweni sikamama, uqala ukukhula waba yisidalwa esingumuntu;inja iba yinja, inkukhu iba yinkukhu, kanjalonjalo.

⁷⁰ Kodwa ithumba, umdlavuza, kumbe noma yisiphi salezozimila, azinasimo esithize, ngoba zine... azenziwe nganoma yimuphi umfanekiso wesidalwa esingumuntu. Ezinye zazo zinemilenze, futhi ezinye ziyindingilizi njengamapanikuku, futhi ezinye zinxande ngaphezulu. Kuyini na? Ngamademoni. UJesu wazibiza ngodeveli. Ngabe Wayeqinisile na? Impela, Wayeqinisile. Ngoba igama elithi *udeveli*, lisho “umhluphi,” umdlavuza, ithumba, nezifo ezikuhluphayo.

⁷¹ Manje, umyalo wokugcina uJesu awunikeza iBandla laKhe wawungukuthi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo, abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni.” Uyakukholwa lokho na? “Khipha amademoni.”

⁷² Manje-ke kwenzekani uma ukuphila kushiye lelothumba na? Sizokubiza ngethumba noma umdlavuza, kungumbulali

omkhulu kunabo bonke. Manje, uma ukuphila kushiya lowomdlavuzwa, masinyane, kwenzekani lapho ukuphila kukushiya na? Osukwini lokuqala noma kanjalo, umzimba wakho uyashwabana.

⁷³ Bangaki abazingeli okhona phakathi lapha, ozingela izinyamazane amadiye nezilwane na? Kulungile. Manje, ubulala inyamazane idiye namhlanje, futhi uthi, noma ubhusha, kumbe noma yini ofuna ukuba yiyo, ngisho nomngcwabi, niyabo, wena uthi, “Lomzimba,” uwubeke esikalini, “usinda amaphawondi angamakhulu amabili namashumi amahlanu,” qaphela okutshela abafana, manje, lapho uwukala ekuseni, uzoba lula ngamaphawondi. Niyakwazi lokho, anikwazi na? Uzoshwabana ngephesente elikhulu ngobusuku obubodwa. Umzimba womuntu wenza okufanayo, noma yimuphi umzimba wamangqamuzana wenza okufanayo, ngoba uyoma.

⁷⁴ Manje, bese-ke uwuyeka ulale lapho cishe nje izinsuku ezintathu noma ezine elangeni, bese-ke uwucosha; udedeleinja encane igaywe emgwaqeni, futhi uyiyeke ilale lapho izinsuku ezintathu noma ezine kulelolangela elishisayo, bhekisisani ukuthi kwenzekani. Izoba ngusayizi wayo ngokuphindwe kabili cishe impela, khona-ke isinda kakhulu kunoma yake yabanjalo.

⁷⁵ Manje, njengomuntu, ngenkathi lomoya... Niyabo, asibhekene nalesosimila, yilokho udokotela abhekana nakho, udokotela ubhekana nalokho angakuzwa, noma lokho angakubona. Emibili yemizwa yakhe emihlanu angasebenza ngayo, lowo ngukuthinta kwakhe noma ukubona kwakhe. Manje, uthinta isimila, uyahlinza, uyasibuka, asikhiphe, manje, uma kukhona isinqamu sempande esisele, silokhu sikhula nje. Niyabo?

⁷⁶ Manje, asibhekani nalesosimila nhlobo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, sibhekana nokuphila okukulesosimila, udeveli qobo lwakhe, lokho kuphila. Bese kuthi lapho lokho kuphila kuphuma, masinya, noma amahora ambalwa, isiguli siqala ukuthola impumuzo, sizizwa sikahle, hamba uyofakaza. Ngokwejwayelekile emva cishe kwezinsuku ezintathu noma ezine, sengihambile edolobheni. Niyabo?

⁷⁷ Awu khona-ke, iBhayibheli lithi, “Ukuthi lapho umoya ongcolile esephumile kumuntu, uyahamba ezindaweni ezomile. Ubuyisa odeveli abayisikhombisa ababi kakhulu kunoma wayenjalo, futhi uma indoda elungileyo yendlu ingekho lapho ukuvikela, lelodemoni liyongena ngqo futhi, nesimo sokugcina salowomuntu siyoba ngokuphindwe kasishiyagalombili kunalokho esasiyikho ekuqaleni.” Niyabo? Ubezoba nezinye izinto eziyisikhombisa ezehlukene. Manje, sifanele sikukholwe lokho, ngoba uNkulunkulu washo lokho, nalelo yiZwi laKhe. Sifanele nje sisebenze emlayezweni wethu kulokho, niyabo, ukuthi Lelo yiqiniso, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

⁷⁸ Manje, uma abantu begijima bangene ngqo, mhlawumbe benomhlangano wobusuku obuthathu, abantu bagijime bangene ngqo, bathole ukukhulekelwa, “O, ngiphulukisiwe, ngizizwa ngingcono kakhulu,” wasukuma waphuma ohlakeni, wahamba waya ekhaya, cishe amathathu noma amane, cishe amahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ukubola kuyangena, nokonakala kuqala ukuvuvukala, bese-ke uthi, “O, ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami! O, ngi-ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami!” Leso yisibonakaliso esihle kunazo zonke ezweni, unokuphulukiswa kwakho. Niyabo? Leso yisibonakaliso sokuthi unakho, awulahlekelwanga yikho.

⁷⁹ Nezinto ezincane ezilula kanjalo, ukuthi ibandla lifanele lifundiswe. Niyabo? Ukwazi ukuthi kubanjwa kanjani. Ungavumeli ukungakholwa kungene, ngokushesha nje lapho uthi, “O, ngilahlekelwe yikho,” ngokushesha lokho, uSathane uyabuya futhi. Kunjalo. Khona-ke umubi kakhulu kunoma wake waba yikho. Niyabo?

⁸⁰ Futhi yingalesosizathu imihlangano yami ingakaze ibe nesikhathi esanele lapho ebengingakuchaza khona, futhi ngingene phakathi kwabantu futhi ngibatshela ngakho. Futhi ngolunye lwalezizinsuku, iNkosi ithanda, ngizothola ithende elikhulu futhi ngithuthele phandle ndawondawo lapho engangingahlala khona amaviki amathathu noma amane ngesikhathi, noma amahlanu, ngigcine nje, ngivumele lesosiguli sibuye futhi, futhi ngifakazise kubo, futhi ngibakhombise ukuthi into ayisekho, ngoba uNkulunkulu akabheki buso bamuntu. Oyophulukisa indoda eyodwa enomdlavuza uyophulukisa enye indoda enomdlavuza, uma iza ngesimo sokuziphatha esifanayo, ezisekelweni ezifanayo.

⁸¹ Ngoba, ubungathatha abantwana bakho, uhlale phansi etafuleni, futhi ngamunye wabo elambile, futhi uthi, “Manje, ungaba nengilazi yobisi, ukukucina ungafi, kodwa wena, John, ungeke ube nayo, uJoe angaba nayo”? Ubungeke ukwenze lokho. Ucabanga kakhulu ngoJohn njengoba nenza ngoJoe, uma ningabazali abalungile. Awu, uma wazi ukuthi ukwenza kanjani okuhle, uphe abantwana bakho izipho ezinhle, wazi kakhulu kangakanani uBaba wakho waseZulwini ukunikeza izipho ezinhle kubantwana baKhe na? Ngakho, niyabo, sonke singaphulukiswa.

⁸² Futhi ngibone okuningi kakhulu kwenziwa, ngiyanitshela, bangane, ngize ngi, ngiyazi nje ukuthi uNkulunkulu angenza yonke into. Ngilubonile uchoko esigabeni salo sokucina, luphulukiswa. Ngibabonile abantu owayekhona, ngingezitatimende zodokotela zabantu akade belele befile, bahlolwa ngodokotela, befile, babuye baphila futhi, ngokukholwa, ngikukholwa nje. Niyabo?

⁸³ Nomama omncane uma phezu kwengane yakhe, futhi

abone leyongane ibuya iphila emva kokuba, yafa ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lokhu kwakusondele impela ligamenxe eleshumi ngalobobusuku, maduze nje, ezansi eMexico. Ngathi, “Ungakubizi lokho, vumela udokotela akusayine lokho.” Niyabo? Ngakho, lapho senza isitatimende, sifanele sisekelwe, niyabo, ukuthi siyiqiniso.

⁸⁴ Asikuvumeli kushicilelwe, ngoba, ngaphandle, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, izinto ezinkulu, ngoba i, niyazi, thina bantu baseMelika sibheke izinto *ezinkulu*, izinto *ezinkulukazi*, inqwaba yomsindo kukho, niyabo, o, inqwaba yeHollywood. Nkulunkulu sizize ukuba sisuke kulokho, sibuyele eVangelini. Kunjalo. Ngigula kakhulu futhi ngikhathele ubuvangeli baseHollywood, futhi ngibona izigidi zifa ngaleya zingamazi uKristu nhlobo. Niyabo? Impela kuyagulisa. Lokho kuphambene kanjani noNkulunkulu!

⁸⁵ U-Eliya, umoya ovunguzayo awuzange umhehe, umsindo wokuduma awuzange umhehe, ukuzamazama komhlaba akuzange kumhehe, kodwa ngenkathi ezwa iPhimbo elincane elihashazayo, khona-ke umprofethi wamboza ubuso bakhe ngeveli futhi waphuma. Yilokho okwaheha ukunaka kwakhe. Futhi mfowethu, dadewethu, asilalele kuleliviki ngaleloPhimbo elincane elihashazayo, niyabo.

Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe, ukuLifunda, asikhothamise ikhanda lethu umzuzwana nje, ukuba sikhuleke.

⁸⁶ Manje, Baba Nkulunkulu, sisondele eZwini laKho eGameni leNkosi uJesu, ngenxa yokuthi Wethembisa uma siyocele noma yini eGameni laKhe, siyokwemukela. Futhi siqinisekile ukuthi iZwi laKho liqinisile, ngoba size kulelidolobha elinomusa, elincane elisimemile lapha, nazo zonke lezizinceku zaKho ezinhle, zibuthene phandle lapha, nalababafowethu abangabefundisi abaligugu emuva lapha, emva kwami ukuba ngikhuleke, ngiqaphele umhlambi wabo, phandle lapha, abelusi bezimvu abathembekile. NgiKubonga kakhulu kanjani ngalokho, Baba!

⁸⁷ Nezimvu eziningi ezigulayo zilindele ihora ukuba Wena uzikhulule. Abasakwazi ukuqhubekela phambili, Nkosi, udokotela ulalise abaningi babo emuva, mhlampe, ukuthi inhliziyi yabo imbi kakhulu ukuba isasebenza, umdlavuzi uzobabulala, nodokotela wenze konke akwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Siyabonga ngaye, nolwazi Omnike lona.

⁸⁸ Kodwa manje, Baba, kusekhona esinye isinyathelo esingasenza, futhi yingakho silapha. Abanye babo balapha nemiphefumulo eguliswa yisono, abayazi injabulo yokuKukhonza, Nkosi, nokwazi Wena njengoMngane womuntu siqu ohamba nawe esitaladini, ogibela nawe emotweni, ukhuluma nawe ekamelweni eliyimfihlo, udla nawe etafuleni.

O Nkulunkulu, makuthi uJesu abe nguMngane womuntu siqu, iLungu elilodwa nje lomndeni kuwo wonke amakhaya olapha kulelidolobha, esifundeni sonke. Siphe khona, Nkosi.

⁸⁹ Siyakhuleka manje ukuthi Uzobusisa imizamo yethu ebuthakathaka njengoba sizama ukubeka, phambi kwabangane bethu abaligugu, iVangeli. Futhi, Nkosi, Uzongisiza na? Yimi engidinga usizo. Futhi uma ngingasho noma yini, noma ngizame ukusho noma yini ebiphambene nentando yaKho noma iZwi, khona-ke, Baba, Usenguye uNkulunkulu ofanayo obengavala umlomo wezingonyama emphandwini noDanyeli, ubungavala owami, futhi. Futhi ngikhulekela ukuthi Awuzukungivumela ngisho into eyodwa, kodwa lokho obekuyoba ngokokwakha, noku, kweBandla laKho nabantu baKho.

⁹⁰ Futhi kwangathi wonke umuntu ogulayo angaphulukiswa, kwangathi wonke umuntu olahlekile angasindiswa, wonke umhlubuki angabuyiselwa enhlanganyelweni futhi. Busisa iZwi laKho njengoba siLifunda kulobubusuku ngalendikimba encane, kwangathi Lingahlanganisa ukulungiselela i—isikhathi sangempela kulobubusuku obumbalwa obulandelayo enkonzweni yaKho. Futhi lapho izinkonzo isivaliwe, khona-ke sizokhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo ngokuzithoba phambi kwaKho, futhi siKunike lonke udumo nenkazimulo. Ngokuba siyakucela, eGameni loMntwana waKho othandekayo nothandiweyo, iNkosi uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

⁹¹ Manje, kinina eni, ngokuvamile nigcina indikimba, noma ukulandisa kwendikimba, noma izindawo, ngifuna niphenye kulobubusuku kuJohane wokuQala, isahluko 5, nevesi 4, ukufunda amazwi ambalwa nje; ngifuna indikimba encane ukudonsa ingqikithi.

⁹² Futhi ngenkathi nisaphenya, ngingasho ukuthi manje kusihlwa ukuthi sikhulekela abagulayo, ukuze kugcinwe inqubo, abafana bazoba sezansi lapha cishe ihora ngaphambi kokuba inkonzo iqale, benikeza amakhadi omkhuleko kunoma ubani owafunayo. Bathatha amakhadi omkhuleko futhi bawenyusele phambi kwabantu, baxube onke amakhadi omkhuleko, bawehlise futhi bawanikeze noma ubani owafunayo, namakhadi omkhuleko azosetshenziswa ngalobobusuku.

⁹³ Ninga—ningawalethi, noma niwanike noma ubani omunye, nina—nina enizizwile iziyalo, nguwe othola ikhadi lomkhuleko. Manje-ke uma unomngane othize ofuna ikhadi lomkhuleko, khona-ke abeze ngapha futhi bezwe iziyalo ukuthi uMnu. Borders, nabo bazobe beninika, iziyalo, abefundisi, kanjalonjalo. Namakhadi omkhuleko awashintsheki, afanele anikezwe ngamunye.

⁹⁴ Futhi khona-ke bayobiza ngezinombolo ukuba beze emsamo. Manje-ke, lokho kukwenza ukuba kungabikho-

muntu owaziyo ukuthi umugqa womkhuleko uzoqala kuphi, akekho owaziyo ukuthi maphi amakhadi.

Uthi, “Nginike ikhadi lomkhuleko lokuqala.”

Awu, ukuba ubunenombolo yokuqala, singahle siqale kweleshumi nanhlanu.

⁹⁵ Ngoba ngikuzamile lokhu, sikuzamile ngaphandle kwamakhadi omkhuleko, ukhuluma ngokuxoveka! Lokhu ngempela bekungaba inkundla yezemidlalo. Bese kuthi-ke, sine... Sase-ke sikuzama lokho. Ngase-ke ngizama ukuthumela amakhadi omkhuleko ayikhulu kumelusi ngamunye obambisanayo. Kwase kuthi-ke umelusi wokuqala wangenisa iqembu lakhe, bonke abanye ababangenisanga ngenkathi umhlangano usaqhubeka, ngoba isikhathi sesidlulile kulokho, nalabo olayini abahamba kancane, ngoba asibavumeli bedlule size siqiniseke ukuthi yonke into ilungile. Ngakho, ngicabanga ukuthi yile yondlela obungakufuna ngayo. Ngabe kunjalo na?

⁹⁶ Bese kuthi-ke—bese kuthi-ke, izikhathi eziningi kukhona abangamashumi amahlanu abaphulukisiwe, phandle lapho, lapho kukhona oyedwa ophulukisiwe emsamo, ngakho-ke akunandaba ngalokho kakhulu kakhulu. NoMoya oNgcwele uphumela ngqo ezethamelini, njengoba sizoqhubekela phambili, Kuphulukisa ngokufanayo nje.

⁹⁷ Kodwa amakhadi, khona-ke niyabo, khona-ke esikwenzile, asikwazanga ukwenza lokho, ngoba umelusi wokuqala wafaka awakhe, cishe amakhadi ayikhulu, omhlangano wobusuku obuthathu, lokho kwakuxazulula.

⁹⁸ Bese kuthi-ke ngokulandelayo esakwenzayo khona-ke, ngangiyokwehla futhi nginikeze amakhadi omkhuleko, futhi ngifike ekuthini, ngiyothi, “Ake, njengalomfana omncane, lapha, makeze abale, futhi lapho ema khona, sizoqala lapho.” Kukholwe noma qha, umama wayemisa umncinyane ekhadini lakhe ngqo, niyazi. Ngakho, sisalokhu singabantu, siyakuqonda lokho, futhi sibe nezikhalo ngalokho.

⁹⁹ Ngase-ke ngiba nomfo oyedwa owabanjwa emihlanganweni yami ethengisa lawomakhadi omkhuleko, eqinisekisa omunye ukuthi bazongena emgqeni womkhuleko, ngobunye ubusuku yaqedwa leyondoda.

¹⁰⁰ Ngakho, nginendodana yami uqobo ukuba ikhiphe amakhadi omkhuleko, futhi ngiyazi ukuthi lokho ngeke kube nayo. Kwase kuthi-ke, ngakulungisa ukuze abantu bazi ukuthi wayengeke azi ukuthi umugqa womkhuleko wawuzoqala kuphi, uletha amakhadi omkhuleko phambi kwabantu futhi awaxube onke, futhi nje aninike wona ngqo, noma yikuphi lapho eniwafuna khona, ngakho akazi qobo lwakhe, akekho omunye owaziyo.

¹⁰¹ Bese kuthi-ke—kuthi-ke lapho ngiza emhlanganweni, ngikushiya nje noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele, ngenze izikhathi eziningi, ngibale ukuthi bangaki kuloluhlu, bese ngisusa loluhlu kulo, ngikwahlukanise ngaloluhlu, nokunye nokunye kanjalo, noma nje noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele uyongiholela khona ukuba ngiqale, yilapho esiqala khona. Khona-ke thina, ngaphambi kokuba izinkonzo ziphele nokho, sihlala sikhulekela wonke umuntu oza emhlanganweni, sihlala sikuthola lokho.

¹⁰² Manje-ke, sifuna ukunazisa, futhi, asizami ukuthi, “Manje, umvangeli ulapha, nguye ozokwenza ukuphulukisa.” Siyanazisa ukuthi umelusi wenu uyindoda kaNkulunkulu, enegunya elikhulu impela nje lokukhulekela abagulayo, njengami, kumbe noma ubani omunye, mina, u-Oral Roberts, noma uTommy Osborn, noma yimuphi—noma yimuphi wamadoda osensimini namhlanje, ekhulekela abagulayo, umelusi wakho unegunya elifanayo. Angahle angasebenzi ngaphansi kwesiphiwo esifanayo, kodwa useyinceku kaNkulunkulu, esebenza ngaphansi kwesiphiwo uNkulunkulu amnika sona. Ngakho, sikukhumbula njalo lokho.

¹⁰³ Futhi manje, ufika cishe...Ngi...Uzoziqala ngasikhathi sini izinkonzo, Mfowethu, kusasa kusihlwa na? Ligamenxe elesikhombisa. Khona-ke benifanele nibe lapha ligamenxe elesithupha, ngakho ni... bangeke baphazamisane nawo wonke umhlangano, baqale phakathi ukunikeza amakhadi kuze kube yilesosikhathi, ngakho wozani kuse-eli ngangokunokwenzeka, ukuze engeke onke aphele lapho ufika lapha. Khona-ke ubusuku ngabunye bayobe benikezela ngamakhadi ukuthi sikhulekela abagulayo, futhi lokho kugcina ukuxhamazela okukhulu phansi, nawo wonke umuntu, bese-ke bekwela phezu komunye nomunye.

¹⁰⁴ O, he, benifanele nibone emazweni angaphandle lapho thina... nifanele nithathe amabutho, cishe impela. Ngibabonile begijima phezu kwe—kweqembu lamasosha amahlanu enziwe udonga, ngibone owesifazane egxumela phezu kwamahlombe amadoda, futhi wagijima wanqamula ngoqo, enqamula kulawomahlombe amadoda. Kwacasula lonke uhele lwebutho, into ethize efana naleyo, egijima phakathi kwemilenze yabo, mhlawumbe izinkulungwane ezine noma ezinhlanu zazo ngesikhathi esisodwa nje enza ukuxhamazela kanjalo, futhi nje abhobokele ngale, noma kanjani, adabule izingubo kuwe, nakho konke okunye, ezama nje ukukuthinta, noma okuthize. Ngakho, sinakho lapha, singaba nenqubo emihlanganweni emincane njengoba sinayo manje, futhi bakwenze ngokufaneleyo, nangokuhlelekile. Anikholelwa kulokho na?

¹⁰⁵ Kulungile manje, njengoba sifunda isahluko 5, nevesi 4 likaJohane wokuQala:

Ngokuba konke okuzelwe nguNkulunkulu kuyalingoba izwe: lokhu kuyinqobo enqoba izwe, ukukholwa kwethu.

INkosi yenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

¹⁰⁶ Manje, ngifuna ukukhuluma kulobubusuku ngendaba ethi *Kuthathani Ukunqoba Konke Ukungakhohwa: UkuKholwa Kwethu.*

¹⁰⁷ Manje, siyavala nje, izolo, lapho sibe nemikhankaso emibili emikhulu lapha e-United States, omunye ubengamaDemokrati, bebeneyabo eCalifornia, namaphepha onke abegcwele wona, ubungeke uvule umsakazo ungawuzwanga. Kulungile, lelo yiqembu. Futhi bakhetha lokho abebecabanga ukuthi bekuyindoda edlula onke yeqembu labo, futhi bakhetha uMnu. Kennedy. Kwase kuthi-ke ngenkathi bekhetha uMnu. Kennedy embuthanweni wabo, futhi, o, bakhela uMnu. Kennedy inkundla engaphambili ukuba abe yindoda enkulu kunawo onke emhlabeni namhlanje. Kwase kuthi-ke, ngenkathi ekugcineni sebekhethe indoda ababeyifuna ikhethwe, bonke bajabula futhi badumisa kakhulu uMnu. Kennedy.

¹⁰⁸ Futhi izolo, noma, kuthangi, noma ngabe kwakunini, ngenkathi elinye iqembu, iqembu leRiphabliki lakhetha uMnu. Nixon, awu, bashumayela izinsuku eziningana, bakha inkundla engaphambili kaMnu. Nixon, futhi, emkhankasweni wabo. Futhi bona, ekugcineni, ngenkathi iqembu likhetha indoda ababecabanga ukuthi babefuna ingenele ngenxa yobumongameli be-United States yethu ethandekayo, isixuku sathokoza, futhi sajabula, futhi sadazuluka, futhi bagxuma phansi naphezulu, ngoba babekhethe indoda abeza kulowomkhankaso ukuba bayikhethe.

¹⁰⁹ Manje, size lapha, kulobubusuku, ukukhetha uMuntu, nalowoMuntu yiNkosi uJesu. Futhi ngizama ukuMakhela inkundla engaphambili kulobubusuku, ukuthi ebusukwini obuzayo balomkhankaso ukuze sithokoze, futhi sidumise iGama laKhe, ngenxa yokuthi siMkhethele ezinhliziyweni zethu ukuba abe nguMsindisi wethu, uNkulunkulu wethu, uMphulukisi wethu. Futhi kuqala, sifuna ukuMbekela inkundla engaphambili.

¹¹⁰ Futhi manje, sizokhuluma ngokukholwa nokunqoba. Futhi kube nokunqoba okuningi okukhulu okuzuziwe kulelizwe. Lapho, uma bengingababala kulobubusuku bekungangena ezinkulungwaneni eziphindaphindekayo zokukhulu ukunqoba okuzuziwe emhlabeni jikelele, izinsuku zasendulo zaseRoma, nesiGriki, kanjalonjalo, namaqhawe amakhulu azuze ukunqoba okukhulukazi, kuze kuthi wonke umhlaba ugcwale igazi labafelukholo.

¹¹¹ Ngingahle ngininakise ababili noma abathathu, ukuba nje ngiqale, nokuthi benza kanjani lapho lokho kunqoba

sekuzuziwe. Isibonelo nje, ngenkathi a—amaJalimane ekugcineni, noma eyokuQala, iMpi yesiBili yoMhlaba kwakuyiyo, azuza ukunqoba eFransi, futhi emva kokuba enze yonke into yaphepha, enza inkundla engaphambili kaHitler, noHitler wama lapho, basho, e-Arch of Triumph. Ngime lapho izikhathi eziningi mina uqobo. Futhi ngenkathi ema lapho, lawo mashumi ezinkulungwane ezinkulungwane zamaJalimane amasha edlula ngesitebhu sehansi, ngokubingelela kwamaJalimane kuFührer wabo lapho emi enkundleni yakhe engaphambili ababemakhele yona.

112 Futhi kuthiwa isibhakabhaka, njengefu lengxenywe yehora lamabhanoyi akhiwe ngamaJalimane eza ngapha. Abantu badazuluka, kwaqhuma izibhamu, kwashaywa izimpempe, kwakhala izinsimbi, yonke into, ngoba babezuze ukunqoba futhi babethathe iParis, bethathe iFransi.

113 Futhi lapha esikhathini esithize esedlule, enkomfeni yomhlaba, iNkomfa yoMhlaba yePentecostal, eLandani, eNgilandi, babekhombisa ifilimu lapho kaStalin, ngenkathi bemngenisisa ngenkathi iJalimane iwa futhi bamletha eBerlin. Futhi lokho kwakubukeka kanjani ukubuka lawo Ger-... noma, ombayimbayi abakhiwe ngamaRashiya nezibhamu zombayimbayi nje kancane phezu kwamakhanda omunye nomunye, ziqeqeshiwe ngokuphelele ukudubula okukodwa nje okuqondile kwazungeza. O, angiboni ukuthi umhlaba ubungaba khona kanjani phansi kokushaqisa okwesabeka kangako lapho bengena eJalimane. Kanjani ukuthi lezozibhamu zavele zalinganiswa ngaphezudlwana kwesinye nesinye, futhi nje indawo ebonakala ngasikhathi sinye, nje njalonjalo bedubula ngalawo mabhola amakhulukazi aqhumayo ezinhlwayi, zavele zadabula iJalimane yaba yizicucu.

114 Futhi ngenkathi ekugcineni sebezinikele, futhi bangena baphepha futhi baletha enkundleni engaphambili futhi baletha uStalin ngale ngebhanoyi ngenkathi ehla endizeni, ukuthi, amaRashiya nalolohlobo oluncane, oluhlekisayo oluqhothile phansi naphezulu, amashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane zamasosha aseRashiya angena eqhotha, futhi emuva naphambili, futhi ethi hure, futhi edazuluka, futhi ememeza, futhi eqhubeka, ngenxa yokuthi babezuze ukunqoba phezu kweJalimane, babebashaye babalahla phansi.

115 Futhi kwakuyinto ethize efanayo ngosuku ukuthula okwasayinwa ngalo ngenkathi sasiqhathaze ibhomu le-atomu phezu kweHiroshima, futhi laqhumisa cishe abantu abayisigidi baba yizicucu, futhi lashisa igenge endala yaphela kwaze kwawa isisu sabo nezinhlamvu zamehlo, kwase kuthi-ke iJapani yazinikela.

116 Futhi ngenkathi lenza, izimpempe zakhala, nezibhamu zaqhuma, nokumemeza kwaqhuma, nakho konke, nobaba

abaningi wajabula ukuthi impi yayisiphelile, ngenxa yokuthi babezothola ukuphumula okuncane. Obaba nomama abanengi bajabula, ngoba indodana yabo yayizobuya ekhaya futhi. Futhi kwakulu—kwakulusuku olukhulu. Futhi noma yini ezuya ukunqoba, kungukunqoba okuthile, kunqoba into ethize yabo abalwa nayo.

¹¹⁷ Ngike ngama emahlathini eNingizimu Afrika ngenkathi ngizingela amabhusesi, futhi lapha ibhubesi engangivame ukucabanga ukuthi lalingumthuthambi omdala, kodwa ngangilihlonipha, ngenxa yawo onke amandla alo amakhulu okubulala libulala kuphela ukuba lidle. Izilwane zingaleqa usuku lonke, emva kokuba selidlile, angeke lizinake.

¹¹⁸ Kodwa lapho libulala into ethize, kuyinto edabukisayo ukulibuka. Liyobulala i—inkonkoni, noma idube, noma okuthize, liyobeka izinyawo zalo phezu kwayo, futhi liyophonsa elalo elikhulu, ikhanda elinobuciko phezulu emoyeni, nomhlwenga omahlikhliki entanyeni yalo, futhi liyobhonga.

¹¹⁹ O, ngike ngama emayadini angamakhulu amahlanu futhi ngabona amatshana amancane eqathaka emhlabathini, futhi asuke egqumeni bese egingqika ehle, kusukela kulokho kuqhuma okwesabekayo kwalokho kumemeza kokunqoba elikunikezayo. Likutholile okudliwayo, futhi libeka izinyawo zalo phezu kwakho, liyawukhotha, libhonga emenweni.

¹²⁰ Zonke lezizinto azihlali isikhathi eside. Lezizimpi nokuchitheka kwegazi, kubuya ngqo futhi, ngoba kuzuzwe ngendlela engesiyo, kungeke kwahlala isikhathi eside. Akuyikubakhona ukuthula aze uJesu afike futhi amise uMbuso waKhe, khona-ke izwe ngeke lisafundisisa impi, kodwa kuze kube yilesosikhathi izizwe zilawulwa ngudeveli, njengoba iBhayibheli lithi zinjalo, futhi ziyolwa esinye nesinye kuze kufike uJesu.

¹²¹ Kwakukanjani ngalolosuku, ngenkathi uSathane eMthatha wamyisa entabeni ende, wayesethi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yiwa phansi ukhuleke kimi, ngizokunika yonke lemibuso. Yonke ingeyami, ngenza ngayo noma yini engifuna ukuyenza, ngizokunika yona, uma nje uzongikhonza.”

¹²² UJesu, azi ukuthi Wayezoba yindlalifa kuyo esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi, ‘Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze Yena yedwa.’” NoSathane wangena ngemuva kwaKhe.

¹²³ Kunesaga esidala esingaphezu kwesaga, “Akunandaba ukuthi kanjani, ubani okhona kuqala, ufanele udlale imithetho yomdlalo, kungenjalo awusoze wanqoba.” Uma umgijimi egijima ezungeza umzila, futhi omunye ethatha indlela enqamulelayo, bese enqamula enkundleni, bese ehlula omunye lapho ngesigamu sehora, noma kunjalo uyokhishwa ekupheleni

komncintiswano. Uzofanele awudlale ngokwemithetho yomdlalo, kungenjalo ukhishiwe.

¹²⁴ Futhi yileyo ndlela esifanele senze ngayo, umncintiswano wokuphila esiwugijimayo manje, uzofanele udlalwe ngokwezidingakalo zikaNkulunkulu, kungenjalo sizohlulwa ngenkathi sifika lapho. Noma ngabe singuMongameli, noma ngabe singuMbusi, noma umfundisi, noma ubani, ukuthi singabaliphi ibandla, noma yiliphi ihlelo, imithetho yomdlalo izofanele igcinwe, sifanele siwuphathe ngokufanelekile, sifanele siwudlale ngemithetho; sifanele sishumayeke iZwi, sifanele sikwenze ngokuzithandela.

¹²⁵ UPawulu washo ku, ngiyakholwa kumaHeberu isahluko 12, “Njengoba sihaqiwe yifu elingaka lawofakazi, masilahle konke okusindayo, nesono sithandela kalula kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela umncintiswano obekwe phambi kwethu.” UPawulu wayekhuluma ngama-Olimpiki, kanjalonjalo, lokho kwakuseGrisi naseRoma, kanjalonjalo, wayazi ukuthi wawufanele udlale lowomdlalo ngokufanelekile, ngokuba uma ungawudlalanga ngokufanelekile, uyokhishwa.

¹²⁶ Futhi kulobubusuku, njengamaKristu azelwe ngokusha, njengamakholwa lapha esikhathini sokuphela, sifanele sidlale umdlalo ngokwemithetho. Sifanele sigijime ngokubekezela umncintiswano obekwe phambi kwethu, sibheke kuMqalisi noMphelelisi, uJesu Kristu.

¹²⁷ Khona impela emva kwalokho, noma, ngaphambi kwalokho, ukwandulela lokho, Wanikeza isahluko 11 esikhulu samaHeberu, esinikeza amaqhawe okukholwa, “Ngokukholwa uMose; ngokukholwa u-Abrahama; ngokukholwa u-Enoke; ngokukholwa uNowa,” onke amaqhawe amakhulu okukholwa. Khona-ke ethi, “Lokhu sinefu elingaka lawofakazi elisihaqileyo, masilahle konke okusindayo, nesono,” ukungakholwa, “okusithandela kalula.”

¹²⁸ Silapha kulobubusuku, khona impela emathunzini okuFika kweNdodana kaNkulunkulu, futhi nokho, sithola ibandla lisesimweni sokushodelwa yigazi, besifanele sibe amakhulu, anamandla, amaqhawe anamandla okukholwa, ayozamazamisa isizwe. UNkulunkulu usinika khona, besizokwemukela nje! Ukuze lezozinto phezu kwethu ezisivimbela ekugijimeni, asibeke eceleni zonke lezozisindo ezincane manje, ngoba sibheke kuMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu, uJesu Kristu, Owenziwa umuntu emhlabeni, wakha phakathi kwethu, futhi wenziwa isono, ukuze ngokulunga kwaKhe sithethelelwe izono zethu.

¹²⁹ Waba yithina, izoni, ukuze thina sibe ngokulunga kwaKhe. Ngenye indlela, kanje: Uba yimi, ukuze mina ngibe nguYe. WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngangiyisoni, Uthathe indawo yami, waba yisoni ukuze ngibe yiNdodana kaNkulunkulu.

Futhi lapho sibona lokho, bekufanele kuhehe ukunaka kwawo wonke owesilisa nowesifazane ukubeka eceleni yonke inkulumo encane yokunqikaza. O, ngiyakuthanda lokho! “Lahlani konke okusindayo, nokungakholwa okuncane okuthandela kangaka kithi.”

Into ethize encane iyenyuka, futhi sithi, “Awu, angikaze ngizwe ngalokho ngaphambili.”

Kuhlole emBhalweni, uma kuyiBhayibheli, hlala nakho.

¹³⁰ Nina bantu lapha niyaziwa ngama-apula enu, ama-apula amakhulu amnandi amile esigodini lapha, nezinye izithelo. Lapho udoncula lesosihlahla esincane, singsikhulu kunalokho, ukushutheka okuncane nje, lonke i-apula elike libe kulesosihlahla likuso ngayo leyonkathi. Impela, kunjalo, uma kungenjalo, livelaphi na? Lisesihlahleni.

¹³¹ Futhi utshala isihlahla emhlabathini, uyasinisela ngenkasa, usithele ngamanzi, senzani lesosihlahla esincane na? Siyamila, futhi ngani, ukuthi sikhula kanjani, siyaphuza, futhi sidonsa emhlabathini, amanzi. Sidonsa ngaphezu kwesabelo saso, ngaphezu kokwanele ukusigcwalisa, sidonsa kakhulu ngangokuthi nje size siphushe amagatsha, amagatsha, ama-apula, bese ehla bese ecasha ngesikhathi sasebusika, sivimbele amanzi esihlahla ukuba angabulawa esihlahleni. *Buhlakani* buni obuwagijimisa phansi emhlabathini, azifihle ubusika bonke na?

¹³² Faka amanzi enkomishini yethini bese uwabeka othangweni, futhi ubone ukuthi azokwehla yini lapho sekufika isikhathi sasebusika. Impela, angeke, u*Buhlakani* obuthize buwehlisela phansi. Lobo *Buhlakani* obufanayo obugijimisa amanzi phakathi lapho, nguMoya ofanayo kaNkulunkulu osihlanganisele ndawonye kulengqungquthela, uMoya ofanayo osihlanganisa ndawonye lapha phansi kwezindawo zaseZulwini kuKristu Jesu, ukuba sithole ukulunga kwaKhe nesihawu samahora asihlalele ngaphambili. O, Unguye ngempela, uNkulunkulu unguye.

¹³³ Manje, sithola ukuthi kulesisihlahla esincane, siphushela ngaphandle, lapho sikhula siphushela ngaphandle. Futhi lapho uzalwa eMbusweni kaNkulunkulu, ingane encane nje kuKristu, yonke into oyidingayo kuloluhambo lwempilo ikuwe lapho wemukela uMoya oNgcwele. O, khona-ke ofanele ukwenze ukuphuza, futhi uphuze, futhi uqhubeke nokuphuza. Ungami nje lapho ujoyina ibandla futhi ubhaphathiziwe, qhubeka nje uphuza uze ube nokukholwa kwalokhu, nokukholwa ngalokho, nokukholwa kwalokhu, futhi uphushela ngaphandle, kuze kuthi zonke izibonakaliso zikaMoya oNgcwele zihlala eBandleni. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . . noMvuzi walabo abaMfuno ngokukhuthala.”

¹³⁴ Manje, thina sitshalwa kanjani na? Sitshalwe kuKristu Jesu. Manje, ngiyakholwa, lokhu ukulinganisela kwami ngaYe: UnguMthombo wokuPhila ongenakuqedwa, ukuthi awukwazi ukuqeda ukulunga kwaKhe. Abanye abantu bacabanga ukuthi, “O, ngiyakuzonda ukubiza uNkulunkulu kakhulu kangako.” Yilokho Afuna ukwenze.

¹³⁵ “Aninakho, ngoba aniceli; aniceli, ngokuba anikholwa. Celani kuvame, ukuze ukuthokoza kwenu kugcwale.” Yilokho uNkulunkulu akufunayo, cela izinto ezinkulu. Ngicela amakhulu emiphefumulo kulomhlango. Ngicela ukuthi wonke umuntu ogulayo, ongena kulowomnyango uzophuma lapha ephilile. Ngiyakholwa. Ngiyakholwa ukuthi emva kokuba sesihambile, ukuthi nje akuyikuba ngokunye ukubuthana ndawonye, kodwa kuyoba yimvuselelo eYakima lapha. USathane ungigcine ngingekho kuyo isikhathi eside ngokwenele, futhi ngikholwa ukuthi ihora lilapha ngeyangempela, imvuselelo eshanelayo kuwo onke amabandla nasezweni lonke.

¹³⁶ Ngiphumile kulentambama, ngaya ezindaweni ezehlukene ngivakashela phakathi kwabantu, ngifake isigqoko esidala sotshani obomile, ngasidonsela phansi ebusweni bami, kanjalonjalo, mina, ukubona nje isimo sokuziphatha sabantu, ninabantu abakahle lapha, ninokuthile okumele nisebenzele kukho. Kunjalo. Manje, esizofanele sikwenze ngukusebenza. Silapha kulobubusuku ukukhetha iNkosi yethu uJesu njengeNkosi yethu ezinhliziyweni zethu, uMbusi wethu, uMnikezeli wethu wokukholwa, uNkulunkulu wethu, uMphulukisi wethu, uMsindisi wethu. SiMkhethele enhliziyweni yethu, futhi siphume lapha manje, futhi sikuthwale sikuyise kulolukhetho olukhulu oluzayo ekwaHlulelweni, lapho Eyoqheliswa abe yiNkosi yenkosi, noMbusi wombusi.

¹³⁷ Manje, siphila osukwini olwesabekayo, kodwa konke okudingayo sekuvele kunikezwe wena lapho ukholwa. Abantu abaningi kakhulu, namhlanje, ngiyathola, lapho bejoyina ibandla, futhi lapha, ikakhulukazi eMelika, baba ngabashushumbi nje, bavele nje, “Awu, akabongwe uNkulunkulu, ngahlangana noMfowethu Branham, futhi nga—ngisindiswa, futhi ngafaka igama lami encwadini, futhi lokho ku—lokho kuthi akube yikho konke engikwenzile.”

¹³⁸ Ukushushumba nje, asifuni ukwenza lokho. Awukaze usindiswe ukuba nje ube yilunga lebandla, wasindiswa ukuba usebenze. Asigqokisi ibutho ukuba nje lilale ekhoneni futhi siqomisane namantombazane, ligqoke imifaniswano emihle, siqeqesha ibutho lethu ukuba lilwe. Futhi asikho epikinikini, sisenkundleni yempi, siphandle lapha sibhekene nesitha seNkosi yethu uJesu, nesitha semiphefumulo yethu. “Asisukume futhi senza ngenhliziyo nghanoma imuphi umbango.”

¹³⁹ Ngiyalithanda lelo*Hubo lokuPhila*, “Ungabi njengezinkomo

eziyisimungulu, eziqhutshwayo,” ngifanele nginiholele esibayeni esincane ndawondawo, ngalendlela, nasezansi ngalendlela. Asibe yiqhawe!

Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza

Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu, Ngokuhlukana, sishiye ngemuva

Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo ezinyawo, mhlawumbe omunye, Entweza olwandlekazi olunesizotha lwempilo, Ngomfowethu obhungukile nophihlizeke ngomkhumbi,

Ekuboneni amanyathelo ethu ezinyawo, uyakuthatha inhliziyoy futhi.

Masenze okuthile, siyizincwadi ezilotshiwe.

¹⁴⁰ Manje, lapha esikhathini esithize esedlule, eminyakeni embalwa edlule, umkami, ngangisekutadisheni, uza emnyango, wayesethi, “Billy, kukhona—kukhona umuntu oyisinxibi emnyango, ufuna okudliwayo.”

Ngathi, “Muphe ukudla, mnike okuthize. Ungumuntu, angikhathali ukuthi uyini, mphakele. Hlukanisa lokho esinakho naye, umuntu ulambile.”

Wathi, “Ngiyamesaba.”

Ngathi, “O, he! Vula umnyango futhi umtshale ukuba athole okudliwayo. Mlungisele okuthile, umnike khona.”

¹⁴¹ Ngakho, wakulungisa etafuleni, wase-ke embizela phakathi, wayesengena egumbini. Ngakho mina, wayemesaba kancane, ngoba wayethi ukubukeka engcolile, ngase ngiphuma, ngase ngithi, “Sawubona, ndoda yami elungileyo na?”

Wathi, “Sawubona?” Futhi wayedla idina lakhe.

Futhi ngakho, ngathi, “Uvelaphi na?”

Wathi, “O, lapha nalaphaya nje.”

Ngathi, “Uyaphi na?”

Wathi, “O, into efanayo, lapha nalaphaya nje.”

Ngathi, “Unayiphi inhloso empilweni na?”

Wathi, “Lutho.”

¹⁴² Awu, lokho kuthi nje akube yindlela a—abantu abangena kuyo. Sifanele sibe nento ethize esinenhloso yayo, sifanele sibe nenhloso ezinhliziyweni zethu, sifanele senze okuthile.

¹⁴³ Manje, uma uthi, “O, sinemvuselelo. Ya, singale eHholo elikhulu le-Eisenhower School,” ungakuvumeli lokho kube nguwe, ontantayo nje nomshushumbi, awusoze wafinyelela kunoma yini enjalo. Asisukume futhi senze okuthize ngakho,

asibeke ihlombe lethu esondweni. Asibone ukuthi ibandla lethu liyaphumelela, asithole uMbuso uphumelela, asibone ukuthi ogulayo uyangena lapha, asibone ukuthi uNkulunkulu uyakhulekwa phansi phakathi kwabantu, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga ziyenzeka eziyoshaya isizwe. Ngenelisekile ukuthi kuyoba nezinto ezenzeka lapha eziyoxhuxhumisa lelizwe, eyolinyakazisa ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, uma ngamunye wethu sizongena emva kwalo.

¹⁴⁴ Senzani na? Sakha inkundla engaphambili yeNkosi yethu. Sifuna ukuYiletha eYakima, sifuna ukuYiletha emvuselelweni enkulu. Futhi sifanele siYikhethe ezinhliziyweni zethu uqobo, sifanele sihlose into ethize, sithole okuthile okuphathelene nakho, into ethize ukuba siyenze ngayo, enye inhloso. Awuvele nje, o, ujoyine ibandla bese ushushumba uqhubeke, awukwenzi ngaleyondlela, wena njalo, ufanele ube nenhloso kulokho okwenzayo.

Unkosikazi uthi, “Awu, ngingunkosikazi nje.”

Ngena ocingweni, wenze okuthize. Yenza okuthile ukusiza iNkosi uJesu, manje.

¹⁴⁵ Manje, kunesikhathi ukuthi umuntu angafika endaweni lapho engaba nenhloso khona, kuyinto ethize ezomguqula, futhi lokho ngukuthi, lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu. Umuntu akasoze afane uma eke wahlangana noNkulunkulu ubuso nobuso. Kuzomguqula naphezu kwanoma yini ongayenza ngakho; umuntu akasoze afane emva kokuba esehlangane noNkulunkulu. Manje, lelo yiqiniso.

¹⁴⁶ Asithathe omunye umuntu, kwakukhona uNowa, uNowa wayengenanhloso ethile empilweni, wayengumlimi ojwayelekile, phandle endle, futhi ngolunye usuku uNkulunkulu wahlangana naye, futhi Wakhuluma kuye, futhi wamtshela into ethize okwakungenakwenzeka ukuba ike yenzeke, eyayizokwenzeka, khona-ke kusukela kulelohora kuqhubeke, ngani, uNowa wahlosa enhliziyweni yakhe ukuthi wayezokwakha lowomkhumbi, kungakhathaleki ukuthi zonke izinhlanga zathini.

¹⁴⁷ Ngani, alizange line livela emazulwini, babengakaze babe nomswakamo phezu komhlaba, wawuniselwa ngenkasa ngeziphethu, akukaze kubekhona ifu esibhakabhakeni. Wayezokwenza kanjani na? Awu, uNkulunkulu wathi kwakuzokwenzeka, futhi uNowa wahlosa enhliziyweni yakhe ukuzuza lokhu okuthile enzele uNkulunkulu, futhi wakwenza, akunandaba ukuthi babemhleka kangakanani, noma bakusho kangakanani *lokhu, lokho*, noma *okunye*.

“Lizokuna kanjani na? Ikuphi imvula, Nowa na?”

“Angazi.”

“Ngikhombise ukuthi imvula ikuphi.”

“Angikwazi ukukukhombisa, kodwa lapho isikhathi sifika, imvula izoba lapho.” Kunjalo. Wahlangana noNkulunkulu.

¹⁴⁸ Futhi ngenkathi udokotela wakho ekwala, futhi wathi, “Umdlavuzo uzokubulala.” Uzophila kanjani ezweni na?

“Ngeke ngakutshela ukuthi kuzoba kanjani, kodwa uNkulunkulu wathi, ‘Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo,’ futhi kuyoba yilokho.” Kunjalo.

¹⁴⁹ Omunye wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, ngangishumayela ngo-Eliya namagwababa emfunza, ngenze esincane, isitatimende esiluhlaza, abantu abangamakheladi bangixolele ngalokhu, kodwa ngathi, “Wayengcono kakhulu, bathi wayehlanya phezulu lapho ngaphansi kwalesosihlahla, wayenezinceku ezingamakheladi ukuba zimkhonze nsuku zonke. Lapho efuna amanzi, wayefinyelela phansi futhi aphuze; lapho sekufika isikhathi sokudla, inceku eyikheladi, igwababa, lifika limphathele isemishi.”

Nomfundisi webandla elithize wathi kimi, “Awukholwa ngempela ukuthi lawo kwakungamasemishi?”

Ngathi, “Impela ngiyakholwa. IBhayibheli lathi kwakuyinyama nesinkwa, futhi ngiyakukholwa.”

Wathi, “Khona-ke kukhona engifuna ukukubuza khona: Wakutholaphi na? Akutholaphi lawomagwababa na?”

¹⁵⁰ Ngathi, “Lokho kwakungesikho ku-Eliya ukuthola ngakho konke lokho, wazi nje ukuthi uNkulunkulu wamtshela ukuthi Wayezomondla, amagwababa akuletha, uyakudla, futhi weneliseka yikho, futhi yilokho kuphela okwakubalulekile.”

¹⁵¹ Kungaleyondlela mayelana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, noma amandla kaNkulunkulu, akunandaba ukuthi ubani ozama ukukuchaza, futhi akukhombise le, uNkulunkulu wathi kuyoba njalo, futhi kuzoba lapho. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade; amandla aKhe ayafana nje. Wathi, “Okholwa yimi, imisebenzi engiyenza Mina, naye uyakuyenza.”

“Uzokwenza kanjani *lokhu* na?”

“Ngeke ngakutshela, kodwa uNkulunkulu wathi kuyokwenzeka, futhi kuyenzeka nje, yilokho kuphela engikwaziyo.”

¹⁵² Ngeke ngachaza ukuthi inkomazi emnyama ingadla kanjani utshani obuluhlaza, futhi inikeze ubisi olumhlophe, kodwa ngiluphuza ngaso sonke isikhathi, ngokufanayo nje. Angizazi izihambisi-mshini zakho, kodwa into kuphela engiyaziyo ukuthi ubisi, futhi ngiyaluphuza. Yileyondlela . . .

¹⁵³ Omunye wathi, “O, uyabasebenza labobantu, bonke bexhuxhuma. Lokho . . .”

Angazi ngalokho, angikwazi ukusho ukuthi hlobo luni lokuxhuxhuma, ngiyazi ukuthi kukhona okwashintsha impilo yami, ngenkathi lokho kuxhuxhuma kungifikela.

Omunye wathi, “Uzohlanya.”

¹⁵⁴ Ngathi, “Ngiyeke kanjalo-ke, ngijabule kakhulu kanje, kunoma benjinjalo ngenye indlela.” Ngakho, ngathola insindiso ngalendlela. Ngiyethemba ngihlala ngixhuxhuma ngize ngife, ngoba nginesikhathi esimnandi kakhulu ngikholwa iZwi likaNkulunkulu, futhi ngiMbone eLiqinisa ngakho konke Athi Wethembisa ukukwenza. UyiLowo iNkosi yethu, lowo yiLowo omkhulu, impela, siyakholwa.

¹⁵⁵ O, lapho uNkulunkulu ehlangana nomuntu, uguqukile. Ngenkathi uNowa ehlangana noNkulunkulu, yonke impumelelo yakhe kwakungukwakha lowomkhumbi.

Abantu bayaphuma, “Wenzani, Nowa na?”

“Ngakha umkhumbi.”

“Uyini umkhumbi na?”

“Yisikebhe.”

“Yini isikebhe na?”

¹⁵⁶ “Kuyinto, kukhona amanzi azayo, azowa phansi evela emazulwini, noNkulunkulu uzobhubhisa lelizwe elidala elingcolile, futhi wonke lowo ongangeni kulomkhumbi uzo—uzobhubha.”

“Awu! Awusho, nonke benifanele nimehlisele kwisazi sezifo zengqondo, kukhona okungalungile ekhanda lekhehla.”

¹⁵⁷ Awu, kwakuyini na? Wamkholwa uNkulunkulu. Futhi umuntu okholwa nguNkulunkulu, wenza ubuwula ezweni, ngoba kwamthokozisa uNkulunkulu ngobuwula bokushumayela... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... ukhozi. Amen.

¹⁵⁸ “Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa. Nibusisiwe, lapho abantu benithuka futhi benze zonke izindaba zokuhlekisa kini, futhi benibiza zamagama, ngenxa yaMi.” Niyabo? “Jabulani nithokoze kakhulu impela, ngoba babahlupha abaprofethi ngaphambi kwenu.” Bekuhlala njalo kuyilokho. Lapho uthola umoya wesizwe lapha kuwe, uba ngumMelika. Lowo ngumoya omuhle wobuzwe ukuba nawo, kodwa ngezinye izikhathi ngendlela izinto ezihamba ngayo manje, kuba kubi kakhulu.

¹⁵⁹ NgangiseSant’Angelo, maduze nje eRoma, nesayini enkulu ngaphambi kokuba ungene eSant’Angelo yathi, “Kwabesifazane baseMelika: Sicela nigqoke izingubo futhi nihloniphe abafileyo, ngaphambi kokuba ningene lapha.”

¹⁶⁰ Nicabanga ukuthi lokho kubi impela, umholi omkhulu wesizwe esithize, emva kokuba sesiqedile, wathi, “Ngabe nonke ninabo abesifazane abalungileyo ezweni lakini na?”

Ngathi, “Izinkulungwane zabo.”

“Awu, yini eniyiculela onke lawomaculo angcolile ngabo na? Lonke iculo eliza ngapha, into ethize engcolile ngabesifazane.”

¹⁶¹ Ngathi, “Lokho nje kungolunye uhlangothi, awulwazi uhlangothi lwakho olulungile. Ufunda ikhasi elingenalutho.” Kodwa ngathi, “Thina, impela, sinabesifazane abangamaKristu abazelwe ngokusha, abaqotho namanenekazi angempela, abancane nabadala, ngempela, bangabantu boMbuso.” Eqinisweni, ngathi, “Ngakho ngaya esizweni sakini ukuba nginitshela ngabo.” Kunjalo. Niyabo? Lapho uthola umoya!

¹⁶² Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangiya esitolo, umkami nami, futhi kwakukhona lamanenekazi ehambisana enalezo ezindadlana, egqoke izingubo zokuziphatha okubi, futhi—futhi asibonanga ngaphandle cishe owesifazane oyedwa cishe ezinkulungwaneni eziningana owayegqoke noma yiluphi olunye uhlobo lwezingubo. Futhi—futhi umkami wathi kimi, wathi—wathi, “Billy, yini—yini eyenza labo besifazane bonke bagqoke kunjalo.”

Ngase ngithi, “O nje lowo ngumoya waseMelika, yilokho kuphela.”

“Awu,” wathi, “asisibo abaMelika na?”

Ngathi, “Yebo, singabaseMelika. Kunjalo. Isizwe esikhulu kunazo zonke emhlabeni, siyasithanda, kodwa nokho, asisibo impela abaseMelika.”

Wathi, “Siyini na?”

¹⁶³ Ngathi, “Sizalwa eZulwini.” Ngathi, “Lapho senyuka Lapho... Manje, uma nje u—nje ungumMelika, ubungagqoka njengoba bonke benza, futhi uqhubeke ngqo ngokufanayo, ushushumbe, untante uhambisane nabo ngqo. Kodwa lapho uMoya wakho uvela phezulu Lapho, ungcewele. Haleluya! Kwehlukile. Ukwenza uziphathe njengoba benza phezulu Lapho.” Kunjalo. Ngakho lapho wemukela lowoMoya, uba yinqaba kulabantu lapha, uyabo, ubukeka wehlukile, wenza ngokwehlukile.

¹⁶⁴ Futhi yileyondlela uNowa enza ngayo. Wayekhulume kuNkulunkulu, futhi wayekade eguquliwe ekubeni nje ontanta ezweni langaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, uba yisidalwa sikaNkulunkulu esasizalelwe eMbusweni ukuletha uMlayezo.

¹⁶⁵ UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yoMuntu.” Okufana nenkolo yokushisekela ngokweqile, abantu baphila ngobungcewele, besho ukuthi kukhona *okuthile* okuvela Phezulu,

futhi sikholwa ukuthi akusiwo amanzi, kodwa aManzi okuPhila ehla njalo ebusuku evela Phezulu, evela eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zabhukuda khona ngaphansi kweThantala, kwasuka onke amabala azo ecala. Amandla nenkazimulo kugeleza kuphuma kulowoMthombo phezulu lapho kuya eBandleni laKhe. Ngenkathi Efa, futhi wavuka ekuseni ngePhasika, Wayesike imbobo yonke indlela edabula ezinhlangothini zeNkazimulo ukuvumela inkazimulo yehlele eBandleni laKhe elifika ngoSuku lwePhentekoste, beliwa kusukela lapho. Siyakukholwa lokho ngezinhliziyo zethu zonke.

¹⁶⁶ Manje qaphelani, njengoba sibeka umsamo waKhe, asithathe omunye umuntu kuqala. Kwakukhona u-Abrahama, wayengumuntu ojwayelekile nje, wehla noyise evela ehla eBabiloni, naseShineyari, ezansi esigodini, futhi wahlala lapho emzini wase-Uri, ezweni laseKaledi. Futhi into yokuqala niyazi, mhlawumbe wayeyi, o, indoda yasensimini, noma umelusi wezimvu, noma okuthize, futhi ngolunye usuku wayephandle endle ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisana-nanhlanu ubudala, umkakhe, uSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, noNkulunkulu wahlangana no-Abrahama futhi wamtshela ngelinye iZwe elalikude le kwalokho.

¹⁶⁷ Futhi Wamtshela ukuthi wayezoba nengane ngoSara, futhi wayesedlule eminyakeni yokuzala, futhi wayekade engazali yonke impilo yakhe, futhi, o, wayenjalo, naye, kodwa kwakuzokwenzekani na? UNkulunkulu wayezokwenza into ethize. Naleyondoda unyaka nonyaka, inqobo nje uma isaphila, yazisho ukuthi yayingumhambi nomfokazi, ifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Amen. Kuyamguqula umuntu lapho ezwa uNkulunkulu ekhuluma kuye.

¹⁶⁸ O, lalalani kuleliviki, lalalani iPhimbo likaNkulunkulu ukuba likhulume kini, Lizokuguqula, Liyosusa konke ukungabaza engqondweni yakho, wazi ukuthi uJesu wethu unguye izolo, namuhla, naphakade. Lapho siMbona engena emihlanganweni, eqala ukwenza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, khona-ke ufuna ukulalelisa leloPhimbo elincane, leyoNto ethize ezokuguqula, futhi uthi, “Yebo, Nkulunkulu, yilokho impela umBhalo okushoyo, lelo yiZwi ngeZwi okushiwo ngumBhalo.”

¹⁶⁹ Hamba uye ekhaya, uthathe iBhayibheli lakho, ulizindlize, ubone ukuthi kuqinisile yini, uhlolisise emBhalweni, kuzofanele kuvele kuGenesisi kuya eSambulweni, kubophe ngeBhayibheli. Leso yisithembiso sakho impela, khona-ke yizwa uNkulunkulu, kuzokuguqula, kuzokunika ukukholwa ukuba ukholwe. Lezozandla ezikhubazekile ziyoxega, leyomilenze iyoxega, lowomdlavuzwa uyonyamalala, lawomehlo aphuphuthekile azovuleka, nezinto uNkulunkulu azethembisa ziyobonakaliswa.

¹⁷⁰ Sisezweni elilunyuliwe kulezozinto, kodwa sakha umsamo kulobubusuku weNdoda. Amen. UMuntu! Njengoba owesifazane asho, emthonjeni, “Wozani, nibone uMuntu, Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?”

¹⁷¹ Wozani, nibone uMuntu, uMuntu esakhela phezu kwakhe kulobubusuku, Nkosi Jesu, phezu kwaKhe, ngokuba phezu kwayo yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo. Yonke eminye imihlabathi iyobhubha, kodwa leloDwala, uKristu Jesu, uyoma phakade. Uyakukholwa lokho na?

¹⁷² Ya. U-Abrahama wavuma ukuthi wayeyisihambi nomfokazi. Zonke izinsuku zokuphila kwakhe wayebheke lowoMuzi, oMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu; njalo ngaleyondlela.

¹⁷³ UMose wayeshushumbe wasuka eGibhithe, futhi wayephumele ehlane, wayephila kahle, wayehlala emuva emva kwentaba, unkosikazi othandekayo, umfana omncane, uGereshomi, ukuba yindlalifa kuzo zonke izimvu zikaJethro, ya, ngani, wayekahle, wayehamba, nje eshushumba ehambisana nokuya nokubuya kwamanzi. U-Israyeli ezansi lapho esenkathazweni, ekhala, noNkulunkulu wayemkhethele ukuba akhulule abantu, kodwa wayesukile kukho.

¹⁷⁴ Manje, yileyo indaba ngamaningi amabandla ethu namhlanje. UNkulunkulu wasibizela enkonzweni, UNkulunkulu wasibiza ukuba sibe ngabantu baKhe, uNkulunkulu wasibizela ukuba sikholwe ezibonakalisweni nezimanga, uNkulunkulu wasibizela ukuba senze izibonakaliso nezimanga, Wasibizela ukuba senze lokho, futhi sishushumba siqhela kakhulu kukho. Esikudingayo okunye ukuvakashelwa nguNkulunkulu. O Nkulunkulu kuthumele lapha kuleliHholo elikhulu lika-Eisenhower! Thumela ukuvakashelwa nguMoya kaNkulunkulu!

¹⁷⁵ Sishushumba siqhela kakhulu njengoba kwenza uMose. UMose wayekahle emuva lapho, wayephila kamnandi. Ibandla namhlanje linezakhiwo ezinkulu kunelake laba nazo, amabandla angcono, abantu abagqoke kangcono, abantu abaphila kangcono kunoma kwake kwaba khona, kodwa, o, mfowethu, leyo akusiyo into, lezozinto ziyabhubha. Sifanele *siqobe*, sifanele silwe, sifanele senzele uMbuso kaNkulunkulu okuthize.

¹⁷⁶ Kwakukhona uMose emuva lapho ephila ngokutamasa, ehla ngokunye ukusa, noNkulunkulu wakhuluma kuye ephuma kulesosihlahla esivuthayo, lowomuntu waguqulwa kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke. Into ewubudlwembe enje pho ekubangela ukuba uyenze noma yinini lapho uthola uNkulunkulu! Bukani uMose, wagijima, wabulala umGibhithe oyedwa, futhi wabaleka esuka kukho wayongena

ogwadule, futhi wayelapha ngokusa okulandelayo, emva kokuba esehlangane noNkulunkulu kulesisihlahla esivuthayo, wayenomkakhe ehlezi egxamalazele umnyuzi nalowoGereshomu omncane enqulwini yakhe *kanjalo*, ubuhwanqa bulenga cishe phansi *kangako*, nenduku esandleni sakhe, eya ngaleya, nje etshikiza nje, ememeza nje futhi edumisa uNkulunkulu, ehola lomnyuzi omdala nomkakhe ekuwo.

“Uyaphi, Mose na?”

“Ngehlela eGibhithe ukuyolidla.” Ukuhlasela komuntu oyedwa, kodwa ukwenzile. Wakwenza ngoba uNkulunkulu washo njalo, futhi wayenokukholwa.

¹⁷⁷ Lapho uNkulunkulu ekhuluma kumuntu, unokukholwa, futhi unokulangazelela, futhi unenhloso. Lapho uNkulunkulu ekhuluma kumuntu, kumnika inhloso; lapho uNkulunkulu ekhuluma kumuntu, kumnika ukulangazelela; lapho uNkulunkulu ekhuluma nomuntu, kumnika ukukholwa ukukwenza, ukufeza, noma ukuzuza ngempumelelo lokho inhloso yakhe empilweni eyikho, lokho uNkulunkulu ambizele ukuba akwenze.

¹⁷⁸ Usibizele ukuba sibe yiBandla likaNkulunkulu, amen, asi— asikwenze nje kube yinhloso yethu empilweni ukuqinisekisa ukuthi siyiBandla likaNkulunkulu. Masibe nempokophelo, singahlali ndawo ngoba abakwaJones befuna, noma i— noma i...?...funa. Yini esiyikhathalele nge...?...uma bengakwenzi, asikwenze, noma kanjani. Uma sonke isizwe sifuna ukucwila, lokho kukubo, eYakima simele uNkulunkulu, sifuna uNkulunkulu, sifuna ukuzuza ngempumelelo, sifuna ukuba nokukholwa, sifuna ukuba nokulangazelela.

¹⁷⁹ Asikholwe eNkosini uJesu Kristu, ngokuba Wathi, “Konke kuyenzeka kwabakhohwayo. Ngqiqinisile, Ngithi kini,” hhayi *uma Ngi*, kodwa, “uma *niyakuthi* kulentaba, qukuleka, futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyokwenzeka, ungaba nakho okushilo.” Ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke. Niyakukholwa lokho na?

¹⁸⁰ Wayenempokophelo, akazange afane emva kwalokho. Wayenempokophelo, wayenento ethize ayefanele asebenzele ukuya kuyo, futhi wayenokukholwa ukukwenza. Zonke izinsuku zokuphila kwakhe wakhonza uNkulunkulu ukukhulula labobantu. Wayengakhathazekile ngakho kade njengoba wayesahamba kahle, lokho ayekukhathalele ngalabobantu belele phansi lapho behlupheka. Futhi uNkulunkulu wathi, “Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi nabo, no-Abrahama.”

¹⁸¹ Futhi namhlanje, lapho ibandla ligula, ukugula kuyanqwabelana, nabantu ngenxa yo—yokuziqhenya kobuhlakani, kanjalonjalo, ngukusuka ekuphulukiseni

ngokukaNkulunkulu, usuke kuMoya oNgwele, uNkulunkulu usakuzwa ukukhala kwabantu baKhe, ukhona ozo fanele ahambe.

¹⁸² Yakima, asivuke futhi sikhanye eGameni leNkosi uJesu. Uma ugula, yithi, “Ngiyagula emzimbeni.”

¹⁸³ UNkulunkulu ukhulumile, uNkulunkulu washo njalo, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo, ngeGama laMi bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” UNkulunkulu ukhulumile. Unempokophelo na?

“Awu, udokotela uthe ngangizofa.”

¹⁸⁴ Yilokho okwedlula konke udokotela akwaziyo, ukufundile, lonke ucwaningo lwezokwelapha lukhombisa ukuthi wenze konke angakwenzela khona, ngakho ngokwesayense yezokwelapha uzofa, kodwa, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.” Vusa ukulangazelela kwakho, yiba nenhloso ukuthi uzophulukiswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, bese-ke ufika ngokukholwa ukuthi “Ngizokwemukela,” futhi uzokuthola. Yebo, mnumzane.

Wena uthi, “Mfowethu Branham, angikuqondi.”

¹⁸⁵ Awu manje, lapho ngiya—lapho ngiya phesheya kwezilwandle, futhi ngenyukela lapha, nanku umkhumbi omkhulu uhlezi lapho, umkhumbi omkhulu wasemoyeni, kasikhombisa ngokuzungeza, ngi—ngiyizungezise lento ngokundiza, angikhuphuki bese ngithi, “Heyi, Mshayeli, ngaphambi kokuba ngingene kulomkhumbi, ngitshela ukuthi zingakanani izipopolo lezo, ngamunye walabophephela onabo, nginike zonke izihambisi-mshini zokuthi lendiza izosebenza kanjani. Ngesikhathi sesiphepho, iyokwenzani na? Unamandla angakanani na? Ungakhwela phezulu kangakanani na? Zonke izihambisi-mshini.” Angizibuzi zonke lezozinto. Ngiyazi ukuthi umkhumbi wawela nomunye umuntu, futhi uma umkhumbi uwele nomunye umuntu, uzowela nami. Ngakho ngivele ngigibela, bese ngizitholela isihlalo, bese ngihlala phansi, kukumshayeli womkhumbi ukuqinisekisa ukuthi ngifika lapho.

¹⁸⁶ Yileyondlela ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, angizazi zonke izihambisi-mshini ngakho, ngeke nganitshela izihambisi-mshini, akekho omunye ongakwenza. Ingafa kanjani iNdoda ngaleywa futhi ishaywe imivimbo emhlane waYo, uma InguNkulunkulu kakhulu yaze Yaphulukisa abagulayo, ngoba uyakukholwa, ngeke ngakuchaza lokho, angizazi izihambisi-mshini, ngivele nje ngibambe isithembiso futhi ngisemukele, futhi ngithi, “Nkosi, kunjalo.” Lokho kuyakuxazulula. Niyakukholwa lokho anikukholwa, bazalwane na? Impela. Kwemukele nje phezu kwezisekelo ukuthi uNkulunkulu washo njalo; yilowoMuntu esimakhela inkundla engaphambili.

¹⁸⁷ Ukuphawula manje ngaphambi kokuvala, ngingahle ngisho lokhu: Kuthiwani ngenkathi uzinikela kudokotela na? Lapho

udokotela efika, futhi uthi unomuthi othize wakho, bese uthatha umuthi, wena uthi, “Manje, Dokotela, hlala phansi lapha, futhi, ukungitshela ukuthi yini konke okukuleliphilisi. Ngi—ngi... Ziyini izihambisi-mshini zalo na? Kuyini konke ukuhlaziya kwaleliphilisi na? Hlobo luni lwefomula yezokwelapha oyixubile lapha kimi na? Ubuthole kanjani lobubuthi i-strichnine na? Bakwenza kanjani...? Kwenziwa kanjani lokho na? Kwavelaphi na? Ubani owakuqamba na? Futhi yavelaphi legleserini na? Futhi kwakukuphi lokhu, zonke lezi ezinye izinto ezingena efumuleni na?”

¹⁸⁸ Ubhala ngesiGreeki, mhlawumbe akakwazi ngisho qobo lwakhe, uyakubhala nje. Kulungile, yilokho atshelwe ukuba akwenze. Kodwa into kuphela oyenzayo, uzinikela kudokotela futhi uphuze iphilisi, yilokho kuphela. Futhi uma umethemba udokotela wakho, amathuba angukuthi, lizokusiza.

¹⁸⁹ Leyo yinto efanayo ngokuphuza leliphilisi i*Gos-pill*, angikwazi ukunitshela konke ngalo, kodwa ngiyazi liyasebenza; ngiyakubona uthatha abanye. Lapho sekufika isikhathi sokufa, uzoguqulwa kanjani, uye ngale kwelinye izwe, futhi ube yisidalwa esisha laphaya, futhi—futhi ungagugi neze, ubuyele ekubeni yinsizwa futhi na? Uzoya kanjani kukho na? Angazi. Ngiyazinikela nje kuMshayeli wami wendiza ngosuku lokuhamba kwami, Uzoqinisekisa ukuthi ngifika laphaya kahle, Uzoqinisekisa ngakho konke.

¹⁹⁰ Amahlombe ami ayoqonda abuyele emuva, futhi ngiyoba yinsizwa, futhi ngiyobe sengehlukile khona-ke. Niyabo? Ngoba zonke izifanekiso zokufa zizokuswa kulomzimba omdala, futhi ngiyokwenziwa, ngibe nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngokuba ngiyoMbona njengoba Enjalo.

¹⁹¹ Angisho ukuthi, “Nkosi, ngitshela ukuthi Ukwenza kanjani.” Angikhathali ukuthi Ukwenza kanjani, ukuze nje ngibe nakho, leyo yinto esemqoka. Futhi Wakwethembisa, futhi ngiyakukholwa. Amen.

¹⁹² Wasethembisa imvuselelo, Wethembisa ukuthi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo; angizazi izihambisi-mshini zakho, konke engikwaziyo, Wakwethembisa, futhi kuyiqiniso. Ngibabonile abanye bekunyathela bese bewela, khona-ke ngingakunyathela, futhi, futhi ngiwele, futhi ungakunyathela bese uwela.

¹⁹³ Kuthiwami uma udokotela efika, futhi wathi, “Unephendiksi engifanele ngiyikhiphe,” noma, “Ngifanele ngisuse i—ihlule legazi ebuchosheni.”

“Awu, Dokotela, ngitshela nje ukuthi ini, mingaki imizwa na? Yini okufanele uyisike na? Ukusika kanjani *lokhu* na? Kanjani...?”

¹⁹⁴ Awukwenzi lokho, wena nje, uyagula futhi ufuna ukusinda, ngakho uvele uzinikela nje kudokotela, futhi uyaqhubeka futhi enze umsebenzi, yilokho kuphela okukhona kukho. Lokho yi, indlela efanayo ngoJesu Kristu.

¹⁹⁵ O, he! Ngiyethemba, kulobubusuku, ukuthi Wenza ukuhlinza okukhulu kukho konke ukukholwa kwethu. Anithembi kanjalo na? Ukhipha yonke i-aphendiksi emilile, konke okwe—konke okwezinye izinto, imithuthambi emincane elenga macala onke phezu kwethu, amabhanakele izilwane ezakhela ogqokweni lomkhumbi, futhi uze udlule ezindumalweni, nezinto, kulobubusuku. Ake nje uNkulunkulu ahlinze ekukholweni kwethu futhi akukhiphe *konke* okwakho, asuse yonke into, futhi lapho sivuka eqinisweni ukwazi ukuthi uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade, sizoba nokukholwa okuphelele ukusebenza kulo lonke leliviki elizayo.

¹⁹⁶ Niyakukholwa lokho, Church of God na? Uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Uyavuma ukwethemba udaba lwakho esandleni saKhe ngqo na? Uzokwenza na? Uzokwenza konke ongakwenza manje, phezu kwalomsamo weNdoda engizama ukukhuluma ngayo na? UnguMsindisi wakho, uJesu Kristu. Uzozethemba wena...? Uzo—uzoMvotela, khona manje na? UzoMkhetha, uMsindisi wakho, uMphulukisi wakho, khona manje, enhliziyweni yakho, bese uthi, “Nkosi Nkulunkulu, ngizolikhholwa lonke iZwi lakho. Ngizosebenza ngakho konke okukimi, nakho konke kuyaqhubeka, uma ngibona into ethize eyenzekayo emhlanganweni kuleliviki, engingayiqondi, ngizoya ngqo ekhaya futhi ngibone ukuthi ngabe kusefomuleni yini, ngizoya ngqo ekhaya, futhi ngibone ukuthi ngabe kukhona yini eBhayibhelini, futhi ngibone ukuthi uNkulunkulu wakwethembisa yini?” Uma Akwethembisa, kuyinhlanhla yakho—kuyinhlanhla yakho ukukukholwa, kungokwakho, kuyi—kuyifomula uNkulunkulu akunika yona.

¹⁹⁷ Ngobunye ubusuku, ngangishumayela ngendaba ethi *Kungani?* Futhi, “Kungani? Kungani?” Futhi ngabatshela ukuthi iBhayibheli lalinefomula, kulefomula kwakukhona phakathi lapho ikhambi lesono nokugula. Ungathanda ukubuka kwesikaMose, ngani, wayene... isikhwama esigaxwayo sikaMose na? Wakhonzisa ama-Israyeli ayizigidi ezimbili, futhi Wawagcina lapho iminyaka engamashumi amane, futhi ngenkathi ephuma, kwakungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwabo.

¹⁹⁸ Uma bekungabakhona udokotela lapha, beningethande ukubona ukuthi sithako sini somuthi nokusetshenziswa kwawo uMose ayenaso na? Zingaki izingane ezazizalwa njalo ebusuku na? Niyabo? Yisiphi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo uMose asinikeza na? Wayengenakho ukuthekelelwa ngegazi, nezinto phandle lapho zalezizimo ezimbi, futhi—futhi ufanele uhlinzwe ngokusikwa ngesikelo, kanjalonjalo. Yayiyini ifomula

yakhe ayenayo na? Uyafuna ukwazi ukuthi iyini na? Kulotshiwe khona lapha kuGenesisi, noma u-Eksodusi, njalo, kulotshiwe lapha, “NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho ophulukisa zonke izifo zakho.” Leyo kwakuyifomula ayenayo.

¹⁹⁹ YileyoNdoda esifuna ukuyikhetha kulokhu, okomkhankaso *wethu*. Wonke lowo ofuna ukuYikhetha enhliziyweni yakho, ukuba uYivotele ingene, ukuba ibe yiNkosi yakho *evukileyo*, uMphulukisi wakho *ovukileyo*, uNkulunkulu wenu *ovukileyo*, owakufelayo, wabuye wavuka ngosuku lwesithathu, futhi uyaphila, nizoMkhethe na? Uthi, “Nkosi, ngena kulesisakhiwo, ubusuku ngabunye, ngena enhliziyweni yami. Nginike ukukholwa nesibindi, nginike impokophelo, ngenzele okuthile, ngifuna ukubusiswa ngamandla aKho.” Phakamisani izandla zenu uma nizoMthatha kanjalo, nithi, ndawo zonke, noma ngabe ukuphi. INkosi inibusise.

²⁰⁰ Manje, kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, bazoba lapha ukunikeza amakhadi omkhuleko ligamenxe elesithupha. Sizobe-ke sesiqala umugqa womkhuleko cishe ligamenxe elesishiyagalombili, cishe ligamenxe elesishiyagalolunye, ngiqagele, noma, ngelesishiyagalolunye nqo, futhi ligamenxe elesishiyagalolunye sizobe sesiphumile.

²⁰¹ Manje, ngicabange ukuthi kulobubusuku ngizosho lezizinto, ngakhe umsamo omncane, nginazise ukuthi yini esiyikhulwayo. Siyakholelwa kuJesu Kristu naso sonke isithembiso Asenzayo; sikholwa ukuthi iTestamente eLisha liyi—liyisifanekiso seLidala, ukuthi lithatha nje kweLidala, eLidala labikezela eLisha, nezinto uNkulunkulu azenza kukho kokubili, ulapha namhlanje esimweni sikaMoya oNgwele, iNsika yoMlilo efanayo, uNkulunkulu ofanayo, ukuphulukisa okufanayo, izibusiso ezifanayo, amandla afanayo asindisayo; yonke into Ayeyiyo, Uyiyo namuhla, futhi uyoba yiyo phakade. Futhi asikholwa ukuthi lezizinto zilele kumuntu, siyakholwa ukuthi umuntu uneziphiwo, kodwa uNkulunkulu usevele uthenge insindiso yethu, ukuphulukiswa kwethu eKalvari.

²⁰² Futhi ngifuna niMkhethe enhliziyweni yenu kulobubusuku ukuba nithi, “Nkulunkulu, thumela amandla aKho, thumela izibusiso zaKho, ngizokukholwa futhi ngikwemukele njengempahla eqondene nami uqobo evela kuWe. Yisithembiso Onginika sona.” INkosi mayinibusise.

²⁰³ Manje, ngifuna nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye manje, nxazonke esakhiweni, noma ngabe nikuphi. Manje, uma kukhona othize, lapha, ogulayo nohluphekile, iBhayibheli lisho lokhu: “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo.”

IBhayibheli alizange lithi, “Lezizibonakaliso nje ziyolandela uMfowethu Branham, uMfowethu Roberts, noma umelusi wakho, noma umelusi womunye umuntu.”

“Lezizibonakaliso ziyakubalandela,” ubuningi.

Ngabe uyikholwa na? Thani, “Amen.” Khona-ke lezozibonakaliso ziyakukulandela.

“Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.”

²⁰⁴ Niyakukholwa lokho na? Khona-ke lapho nginikhulekela lapha nonke, ngamunye wenu, ningazikhulekeli manje, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Uyabo? Uthi, “Nkosi, yipha lomuntu engibeke isandla sami kuye, baphe isifiso senhliziyo yabo.” Kusho lokho. Uthi, “Baphe, uma begula, baphe ukuphulukiswa.” Uma umazi umuntu, uthi, “Phulukisa lomuntu.” Namandla kaNkulunkulu ayoniphulukisa ngamunye wenu.

²⁰⁵ Futhi kusasa ebusuku nizobuyela lapha, nithi, “Mfowethu Branham, ngaphambi kokuba kuze kwenzekile noma yini, ngaphambi kokuba ngize ngibone noma yikuphi ukusebenza okukhulu kukaMoya oNgwele, sengivele ngikufakazisile empilweni yami, ukuthi Ungiphulukisile izolo ebusuku, khona impela ngenkathi besizama ukuMkhethe ngaMemukela enhliziyweni yami, futhi kukhona okwenzekile. Ngivele nje—ngivele nje... Ungihlinzile izolo ebusuku, nakho konke ukungabaza kwami kumbelwe emthonjeni, futhi manje sengiyisidalwa esisha kuKristu Jesu.”

²⁰⁶ Sisakhothamisa amakhanda ethu. Kukhona isoni lapha, khumbula uMdali wakho manje, kuseyisikhathi ongakwazi ngaso, ngokuba ihora lizofika masinyane lapho ongayikuvunyelwa khona lokhu. Omunye ohlubukile na? Yenza indlela yakho ubuyele kuNkulunkulu, kulobubusuku. Ungekwenze na? Bese-ke uhamba ekuseni kakhulu uye ebandleni, futhi uthi, “Melusi, ngiyabuya manje, ngifuna ukuthatha inhlanganyelo yami.”

²⁰⁷ Uma uyisoni, yenza indlela yakho wehlele ebandleni lokuzikhethela kwakho, futhi uthi, “Ngibhaphathize, Melusi. Ngifuna ukuba yilunga lebandla. Ngifuna ukukhonza uNkulunkulu.” Bese kuthi-ke kusasa ebusuku hamba uyozitholela ezine noma ezinye izoni ezinhlano bese ubuya nazo. Bhekisisani futhi nibone ukuthi uMoya oNgwele awungeni yini ezethamelini, uveza uJesu Kristu ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo izolo, namuhla, naphakade.

²⁰⁸ Baba wethu waseZulwini, phezu kwezisekelo zeZwi laKho, phezu kwesisekelo seGazi laKho elichithiwe, ekuhluphekeni kwaKho okubambelayo eKalvari, ukunqoba kwaKho phezu kokufa, phezu kwesihogo, nethuna, naphezu kukaSathane, yonke imisebenzi kaSathane, kusukela esonweni kuya kokwaso, zonke izingxenye ezingahlukaniseki zaso, kuya ekuguleni, nasekudumazekeni, nasekukhungathekeni kwemizwa, nakho konke ukukhandleka okuhwaqabele okuhambisana

nakho, konke ukungabaza nezinto, sakhe umsamo lapha, kulobubusuku, weNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu.

²⁰⁹ SiyaYikhetha, Nkosi, ngalomkhankaso. Futhi siyajabula, Nkosi, akekho omunye esimfunayo, asifuni muntu ngaphandle kukaJesu, siyaMthanda, siyaMkholwa ngenhliziyo yethu yonke. SiMkthethile njengoMsindisi wethu, akekho omunye umsindisi. Akukho-bandla, akukho-sivumokholo, akukho-hlelo, akukho melusi, akukho-phapha, akukho-mpristi, akukho rabi, akukho lutho olungasisindisa ngaphandle kweGazi leNdodana yaKho uJesu, UnguMsindisi wethu, siyaMthanda.

²¹⁰ Futhi siyazi ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokwaKho, kungokwaKho, ngokuba sifunda eHubweni 103:3, “NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zenu.” Ngakho-ke, Nkosi, sinikela udaba lwethu kuWe, UyiNyanga yethu, iNyanga yethu eNkulu.

²¹¹ Ulapha kulobubusuku, abantwana baKho abakholwayo ulalela iZwi laKho, ngokubeka izandla zabo phezu komunye nomunye, nakhu kusukela kumfundisi yonke indlela kuya e—ebantwini abangafundele lutho bebandla, wonke umuntu, abelusi, abavangeli bonke bebeke izandla zabo phezu komunye nomunye, inkosikazi yomuzi, abantwana bonke nezandla zabo ziphezu komunye nomunye, ngoba bayaMkholwa Lona esimkthethayo, iNkosi yethu, uMphulukisi wethu.

²¹² Manje, Sathane, uyazi ukuthi u...?...futhi awulutho ngaphandle komkhohlisi, empeleni, futhi sibiza isandla sakho. INkosi yethu ikhethiwe enhliziyweni yethu, njengoMphulukisi, njengoMsindisi, njengeNkosi, njengoMbusi. *INkosi*: “ubunikazi, ukubusa.” Manje uzofanele uphume, Sathane, usungavele uzilungiselele ukuhamba, ngoba ufanele, iZwi likaNkulunkulu lifanele ligcwaliseke.

²¹³ Ngakho ngiyakuyala, ngeGama likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ngokuhlupheka kwaKhe kokumelela, nokunqoba, Owakuphanga khona, noma, wakuphuca onke amalungelo angokomthetho owawunawo, awusenawo amalungelo angokomthetho, uyisidalwa esehluliwe, futhi siyakuyala, ngoJesu Kristu, phuma kulababantu, bashiye, njengoba bebeke izandla zabo komunye nomunye. EGameni likaJesu Kristu, phuma kubo, ngibakhulula ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu.

²¹⁴ Amakhanda enu ekhotheme manje. Nezwa ukulunga kwaKhe kungena. Likhohlweni, akunandaba ukuthi Libukeka lixake kanjani. Asihambi ngokuthi Libukeka lixake kanjani, sihamba ngokuthi Liyilo ngempela kanjani, LiyiZwi likaNkulunkulu.

²¹⁵ Kuthi ukuhlelekisa kuNowa ukuba athi lalizokuna, kodwa la—lana. Kuthi ukuhlelekisa ku-Abrahama efuna uMuzi, futhi ethi wayezoba nengane ngenkathi eseneminyaka eyikhulu

ubudala, ngoSara owayenamashumi ayisishiyagalolunye, kodwa wabanayo. Kuyahlekisa ngoMose ethi wayehlela eGibhithe ukuyolidla, kodwa wakwenza, UNkulunkulu washo njalo. Kuthi ukungajwayeleki kubantwana bamaHeberu ukuba bathi, “UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulesisithando somlilo,” futhi Wakwenza.

216 UDaniyeli uphuma emphandwini wezingonyama ephila, emva kokuba ephakathi lapho, amabhubesi anolaka, elambile, ubusuku bonke, kodwa wakwenza. UJohane ukuba aphume ebhodweni la—ebhodweni lamafutha emva kokushiswa amahora angamashumi amabili-nane, kodwa wakwenza. ULazaru uphuma ethuneni emva kokuba esefe izinsuku ezine, kodwa wakwenza. UJesu wavuka ngosuku lwesithathu emva kokubethelwa, nalowomzimba wagqunyiswa ngomkhonto wamaRoma. Ufakazi wasemhlabeni wathi, “Ufile,” uNkulunkulu wathi, “Ufile,” imvelo yathi, “Ufile,” umhlaba wathi, “Ufile,” umRoma wathi, “Ufile,” yonke into yathi Wayefile, futhi Uphila futhi kuze kube phakade. Wayezokwenza kanjani na? Kodwa Wakwenza.

217 UNkulunkulu uyakuphulukisa manje, isithembiso saKhe sithi Uyakwenza, ngakho unelungelo kukho. Uyakwemukela na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Angikhathali ukuthi ukhubazeke kanjani, ukuthi uphuphuthethe kanjani, kanjani, noma yini engalungile kuwe, angikhathali. Ungama ngezinyawo zakho khona manje, futhi uthi, “Ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwami phezu kwezisekelo zeZwi likaNkulunkulu.” Yima ngezinyawo zakho, uma ukukholwa. Amen. Amen. Lokho kuhle. Kuyamangalisa! Manje, kuhle, manje.

218 Manje, wena obungaguli, futhi ufuna ukuMemukela njengeNkosi enhliziyweni yakho, kholwa umsamo, ufuna ukukhetha uJesu ukuba abe nguMbusi walomkhankaso, ukuba abe nguMphulukisi kulomkhankaso, ukuba abe yiNkosi kulomkhankaso, nonke yimani ngezinyawo zenu, ozokwenza lokho, uthi, “NgiyaMamukela ukuba abe yiNkosi yami, uMphulukisi wami, owami Konke (uMsindisi wami) kukho Konke kulomkhankaso.” Kuyamangalisa, wonke umuntu ame ngezinyawo zabo. Lokho kuhle.

219 O, ngiyakholwa, ngizwa umsindo wemvula eningi, abelusi. Ngikholwa ukuthi kuzobakhona okuthize okwenzeka lapha. Bangaki okuzwayo lokho, okukholwayo lokho na? Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke.

220 Manje asiMdumise, sinikeze i—ishuni yelithi “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda.” Niyalazi leloculo na? Kulungile, wonke umuntu manje, ndawonye.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala


Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Asilihamishe manje. Nsindiso yini na? Insindiso yomphefumulo nomzimba.

... Wang'thanda kuqala
Wathenga...

Ningakhohlwa ligamenxe elesithupha kusasa ebusuku, amakhadi omkhuleko. Ngilindele izinto ezinkulu ezivela eNkosini.

E...

²²¹ Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, ngizophendulela inkonzo emkhankasweni wethu, noma, umphathi wenu, uMfowethu Roy Borders. Khumbulani amakhadi omkhuleko azokhishwa kusasa ebusuku ligamenxe elesithupha, lapha ehholo elikhulu, nomkhuleko wabagulayo uzoqala kusasa ebusuku. Kulungile, iNkosi inibusise ngize nginibone futhi. Mfowethu Borders. 

60-0729 Kuthathani Ukunqoba Konke
Ukungakholwa: Ukukholwa Kwethu
E-Eisenhower High School
EYakima, EWashington E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org